

1-97\*

This first article is  
mostly reminiscent  
of her experiences at  
Gannans (Bergville)  
sickness of child  
trouble with inyanga  
views of Government  
instructive but few  
facts ethnologically

(2) 167

1

K13/27 H. Mhlongo.

Cele tribe, history and other information

1-97\*

167  
P.P. 1-97

K13/27

1/12/38  
INDEXED

167

H.V. Mhlongo Mrs

Baba Hulumeni,

K13/27

167

SCIDES  
DEED

Ngiya bonga Nkosi yami, ngibonga imali ongiphe yona u Pondo noshele ababili. Ngiyababaza mina mfo-kazana - odla umhlabathi ngomlomo. Ngibabaza ukuthi kanti u Hulumeni uneso elibanzi kangakasi? Ubona nezintuthane zomhlaba! Yebo ke Baba Hulumeni! Ungadinwa yimi nangomuso, mina nja yakho, ukwanda kwaliwa umthakathi yona ehamba ebusuku eba khehleza.

Mangikhawule lapho,

Nkosi yami, yinkomo ngomuso

ngi yinja yakho ezithobayo,

H.V. Mhlongo (Mrs).

H.V. Mhlongo

Emthini Government Aided School

c/o H. A. Kock esq.,

P.O. Box 11,

Izingolweni.

U Hulumeni.

Thina bantu asinazi u Hulume ni ukuthi ubani, uyini.

Oya buza ama khehla athi uphi

idea about the 2002

2. (167)

2

K13/27-167

2

yena uHulumeni? Nyindodana ka bani? Wazala u bani? Afi ngani emdala kangaka nje? UHala phi? Qbonwa ngani?

Yiwona mbuzo usemlonyeni lowo emakhehleni.

Amandla elaka lwakhe aye zwakala, umusa wakhe awuzwa kabi. Amuntu omnyama wazi ulaka lwakhe lodwa, elwazi ngezi nkantolo lapha kuphuma khona amapoyisa azokhathaza izwe, a likhathaza ngokutsamba aka ntu eka sambela ukuthi kabali thelele ikhanda (Ngizishiya ngizibona zonke izono eziboshelwa abantu ngiphawula lesi esisenilonyeni wamadoda,) kanye nediphu nezinja.

swane  
tax  
raid

Omangwaneni, phansi kondi kwesika Madela, obambela isidodana ka bambazwe eseyincane ezobusa esikhundleni sikayise ingakhulu, kuthe ngo 1936 nje ngo December 5, kwehla isimanga esethwalisa abantu imikhono ekhanda bathi, "Uyinja Hulumeni"!!!

s. (167)

3

167

K10/28<sup>7</sup>

3

Abantu bebecashile kulendawo,  
Ikude nesiteshi sesitimela iWinterton  
neBergville. Yimbi lendawo  
inemifula eneziziba ehlobo, ka  
nti liduma lona kaluse futhi,  
nezinkuni ayinazo, kanti futhi  
nasebusika, luyakhithika un  
diquhwa lilale libe mkhlophe izwe  
qhwa, aboko amakhaza.

Abelungu ke kanye nama-  
poyisa kade kuyindawo nje  
abangayinokile kakhulu ngo  
kuyihambela. Kanti bahleli nje  
kusekhona amadoda anga-  
zange alithelele ikhanda yi-  
loku kwaqalwa ukuthelwa ama-  
khanda kwayekwa ukuthelwa  
izindlu kanti nezindlu lezo  
zisathelwa u 14/ babengazi-  
thleli bethubeleza uma seku  
fika isikhathi sokuthela baphu  
melele nje kahle, ngoba na-  
ku uHulumeni kathungathi  
kakhulu.

Ho! Kwathi ngalanga linye  
limbe, sesuka isidumo ekuseni  
ngama bulakufesi. Zathelaka.

8 (167)

4

167 K13/27

4

izinga zika hulumeni zehla emihumeni yezimotho zasabalaka kwathi abanye zabafica emna simini zabaxhaka. Abanye ba baleka babaca ezintabeni nasema weni nasemahlathini oku hlanyelwa, loku ~~ke~~ kwekhla awakho awokuzimilela. Ba banjwa nasemigwaqhweni nasezitolo nasemakhaya ba gqushwa e mothweni zika Pick up, ba gwala amajle, kwazula iziketini nezidwaba kumakhosikazi ehla 'enyuka ekhala ethengisa izinkomo ekhipha amadoda awo, lapha bakuthi besalele begonene indoda nomfazi, bezwe "Ngqongqongqa" emnyango. Yethu ke igelekeqeke indoda kube kuncane indlu bese kuphendula umfazi ethi urgubani, kuthi vula, uzosibona ngaphakathi athi Hai, sengilele, ajikholala indoda, yaya kosebenza, athi "Pick up" Vula wena, nempela aze avule umfazi bayifice indoda indlu isincane ~~athi~~ nyacasika kuma

cashiki, bayixhake ngezinsimbi njalo baziphonse emothweni ka "Pick up."

Lapho omadli zikode baphuthu ma iziketi zabafazi bagqoka ka ngwaza kwasala izwi lobudoda ne hwanqa ukuthi yindoda, wabamba uPick up, waphonsa enqoleni wayisa enkantolo,

Lapha kwathi oMantangana zikode baziphonsa ebokisini wathi umfazi kavale wavala wahlala phezu kwalo wabeka izingubo wagona ingane phezu kwebokisi. Wanguena uPick up" wamthungatha wamkhipha wamfaka emothweni wamnyisa enkantolo.

Abantu base bezonda uSphing Ndaba umfo ka / Ndaba owa yelahle ukufundisa izingane wa yoba yipoyisa eBergville, bathi nguye lo shamba ebalayela amapoyisa kaPick up ngoba ebazi ukuthi abathelile. Sedlala ngomntaka ndaba. Nanamhla loku angadla kubini uSphing emizini

yabantu emangwaneni.

Kwaze kwathi amadoda a  
hloma akhwela ezintabeni a  
zama ukulwa nobulumeni ne  
mpela alwa kwafa amadoda  
amabili amnyama, sekumenywe  
enongqayi bezinkantolo zase Thekurini  
nase Thawini (P.M. Berg) nase Mtshezi  
(Estcourt) nase Winterton, nase Berg-  
ville, ke.

Au! yachitheka impi,  
babanywa abamnyama batokiswa  
eBergville. Lapho kwafumaniseka  
khona ukuthi abaningi ngaba-  
ngatheli nje neze. Ba boshwa, aba-  
nye kwaphela izibaya kuhlawulwa  
baphuma. Kandukuba amaqwa  
ne a phansi ko Khahlamba angene  
emthethweni wokwesaba uHulumeni  
nokoke amesaba nje ayamthuka  
athi, "yinja uHulumeni ngokusi  
qhwaga imali nezinkomo zethu  
singone lutho."

Uyabona, Nkosi, isizwe saki-  
thi sikhulu kakhulu, futhi si-  
sebumnyameni obuthe khuhle, mbe  
laba obabona besezikoleni ezikhulu  
emakalini nabandisayo, ikeziyo

s. (167)

7 K13/28

167

7

nenxenyengaba u<sup>1</sup>/<sub>50</sub> yabantu abasemakhaya abazihlalele nje, benelisiwe ukungazi kwabo. Bengafuni mthetho ukuba ubabuse. Benelise ukuhlala emagqhwane, ezabelweni y lapha, badle uphuthu, behlise ngomdokwe bahlafune izinkobe badle amasi, bathu kuthelele ukhulume ni ke la esephungula edipha izinkomo bathi ufura ukubabulala ubakhipha ukhezo emlonyeni ba zofa uma kangaphunguka izinkomo ezweni.

Baphuzwa utshwala ke. Ayi ke etshwaleni kube libuyile elakubo. Benelisewe bafune inyama kuphela noma bebince izinto ezinuka mfo, kumnandi loko kubo.

Na befundisi bayajuluka lapha ezabelweni, ezinye azinamfundisi. Uma uke wathi wenza ukubungwana uzakhela indwana katha yela ufunele nezinganyana zakho ukudla okufanele, zazele nje ukuthi wena unuka ukufa. Bathi lelikholwa lizishaya umlungu lizisiholela abelungu balibulale

ukhetho  
Miasimo



ngekhubalo njalo.

Kodwa phela ikhubalo lande ezikoleni lapha (Mission Reserves & Mission Stations) nasezabelweni ese zinamakholwa kakulu, ase bazi ukuthi khona ukudhuli selana — njengase Emmaus nje e Mangwaneni. Siyathakatha lesi sikole. Ngobuye nginixoxele indaba yakhona ngisagonde enye namuhla.

Ngihlale iminyaka emithathu khona nezinyanga ezisithupha, ngaphuma ngiphuphuma Cetshwayo sebengiquze bangiquza ngekhubalo, ngiwa ngivuka ngothukukulu, kwaze kwathi sicingo bangiqobela izingane zam ezi mbili. Ngavalelisa ngingacebile ngabuya nazo ezimbili sengi phelelwe kodokotela nasezinyaneni.

Kanti ngigotshwa nje ngi gotshelwa indlu yabelungu e ngifundisa ngihlala khona kuthiwa ngeka mhlango, ngenxa yokuba nje ukhulumeni wa

kha indlu encono (cottage) efaneele ukuhlala abafundisayo ngenkululeko, lendu yakhiwa yaba bala linye nendlu yesikole, zakhiwa isilungu.

Sekuthi ngelinye ilanga ekuse ni la ngithi nguyapheka ekhoshini sengibona umfana wangaphandle egqoke ibantshi lesisoshu uphethe inkuku ngesandla - isikhukukazi - kade emile laphaya esangweni, ngi yambingelela ke uthi "ya." Ngiba buza ngithi kukhona yini aku funayo - uthi "Oh! Wena funa thenga nkuku mama?" ngithi mina, yini eyenza uku ba ukhulume loluhini kimi?" abe sethi "Nda ba mina kabanga wena ayi-yazi losizulu!" Ngamangala nge ngoba uyangibona ngimnyama.

Engabe wacabanga wathi ngi yikula nokuba ngisizwana sini konke loku, ba didwa yindlu ya belungu. Banengqondo yokuthi umuntu angeze akhala endlini linye.

Ukuze ngithi bayathakatha yobu...

Journal of Reminiscences  
Child's illness

10 K13/27

167

10

nje Emangwaneni, bangibulalela  
ingane yami yomfana iminyaka  
ilisonto. Imehlo engaka! Emblophe.  
Ihlukaza inesithunzi. Ikhuluphele!  
Nami kuyilapha ngizibuka khona  
ngizethembisa ngithi lensizwa  
yami yofunda ize iwele ulwa-  
ndle. Ikhuluma okuhlakaniphi-  
leyo kodwa kanti angibuzanga  
emangwaneni.

Umntwana wadutshulwa  
ngumkhulane nje, ngamuzisa  
kwadokotela ngithe ngibuya  
wayekhala ngekhandane neso.  
Lavuvuka wakhala umntwana  
kabi. Kabi! Laliphuma liba  
ngangesibakela. Babengitshela  
abanye bethi, funa inyanga  
wena yufufunyane lolu. Ya-  
fika inyanga yabasela izinde-  
ngezi zayo! Ayi akwezwele  
ngaya kwenye yamthungisela  
yambenisa yamgcaba, yam-  
faka umbola khona esweni leli  
hgoba yathi wabulawa kwa  
hlanganiswa nomibola, nempela

kwathula ukugagamba esweni  
 kwavuthwa kwaloboka ngenhla  
 kwezinkophe kwa wululuka  
 okubolileyo kodwa engasezwa  
 buhlungu kwaphela amalanga  
 amabili ingane isihamba  
 nje phandle selibohlile neso,  
 kuthe nje la sithi siyalala,  
 mina sengithathekile, kanti uyise  
 usabekile, sengizwa ngezizgi zakhe  
 uyise ngivuke ngethuke esemphethe  
 umntwana, use khuhliza nje!  
 uhlangothi lonke luyadlala lu  
 donseka umlomo nesihlathe neso  
 nekhala nengalo nomlenze konke  
 kuyadonseka! Ngimthathe ngithi  
 ngiyamgona! Kufike unina  
 khulu angaphuce othi uyamba  
 mba, ngimesulele ngaye ngipho  
 nseke eminyango ngelikhulu  
 ijubane ngigqoke iyembe loku  
 lala (night dress) ngiphuthuma  
 inyanga (1½ miles away) ngifike nabo  
 sebelele bengakabonqi, ngithi  
 ukulandalandanda. Yethule isikhwama  
 inyanga yakhe umntwana uKamababa

sijabe emuva. Sifike kuseyibo  
 ukubhuthubhuthu kumntanami.  
 Kanti noyise usephume wabiza umu-  
 ntu esakhelene naye nenkosikazi ya-  
 yakhe, uteacher khakaza waphuthu-  
 ma kuMkhonza, enye inyanga,  
 uTeacher Zulu waphuthuma ku-  
 nurse wasesibelela.

Sathi singena thina noKama-  
 baba safika esebenze wakhathala  
 uNurse wayethi kithi ca, nani  
 zinyanga yenzani ngokwenza kwenu  
 mina ngryehluleka. zangena zombi  
 li zakhathala zisabuka ngamehlo  
 zasukuma nezikhwama zashiya  
 zahamba, noNurse wahamba, sasala  
 simangele nje! Wasekhumbula u  
 Goba noMkhongo ukuthi ake kuyi-  
 we komunye oyinyanga waseMzumbi.  
 Base be mlanda wafika welapha we  
 lapha kwathula ukubhuthuneka.  
 walala umntwana kwaz kwasa  
 nasekuseni welapha, ca ke, wabheka  
 nje umntwana laze lashona, salala sa-  
 ruka naye exoya nje, sesithi ca,  
 uyaphila. Kuthe emini, wasuke nje

waphuma umphefumulo, sasala simangele.

Njengoba uphuma umphefumulo kumfana wayelala phansi udadewa bo omncane kwenza nyengakumfana ngancenga inkosikazi kasibisi ngathi aye kongifakela amakhambi omkhuhlane, nga ngihlala phansi kwathi ngomuso la kuyombiwa ithuna bafika ba vakana bodwa abembayo. Uthi omunye, Au! Si-kanibani! Kanti ingane kamhlongo ngokuyibamba kwakho ekhanda njeya, wawuyibulala? Kanti u khuluma kungathi uyadlala njeya kimi kanti uqizisile? Au! Yebo! Ke!

Kanti yikhona umsebenzi uzosuka ngalengane eseyishiywe ngu mfowabo ihlabekile. Saphelela ezi nyangeni ngokusha. Ifike ithathe opondo abahlane, ihambe, kufike enye ithathe ihambe njalo nje. Nezikhulumayo zifike zithi, sekwa gcwala izilwane zezinhlobo nhloko endlini ezekhama umntwana

K13/23<sup>7</sup>

167

14<sup>4</sup>

kufuneka kubethelelwe zivinjwe  
zikhishwe lezo zilwane.

Ifike leyo, ivimbe utikoloshe i  
hambe. Ifike leyo ivimbe impu-  
ndulu, ihambe. Ifike leyo ivimbe  
impene nempaka, nazo zonke izi  
lwane lezi zezwe ihambe. Au!  
Zithatha imali ngalo ziyakhulu-  
ma ngokubona kwazo. Kuthi  
isigcino azabe zisa ngena izi  
lwane. Welaphaka umntwana  
baqale bakhulumama bodwa abak-  
thakathi, bethi sasithi sizom-  
lungisa umhlango ahambe engak-  
saphethe lutho oluzingane nje.  
Uthelwanqubani ukuthi ka-  
zoceba lapha phambi kwethu?  
Ihina singa Mangwane!

Yikuphuma kwami ke sengi  
phuphuma.

Yebo kwakuthakathwa kugala  
kepha kwakuthakathwa ebusuku.  
athi angabanywa ajojwe. Kepha  
lapha esilungwini yikhona sekwenqa  
bile ngoba ungeki usambona um-  
thakathi. Ungaboshwa nangabelungu

uma unuka umuntu, ngoba ku  
thakathwa emini manje kugqokiwe  
nje bo. Baphathe izilwane zabo ezi  
ngabonwa, imikhovu nawotikolo-  
she, nofufunyane nokinye. Uthi u-  
hlezi nje ungananzele zikwekhambe  
entanyeni. Ungasaphuthunyanga  
ngakaziyo, ziyayeka emqanseni kume.  
Ah! Bengsathi ngixoxa eka-  
Hulumeni nabantu.

Abantu abathandi ukwelulekwa.  
Yisizwe esingamavula ngemvelo. Sebe-  
ze baya ngokwefunda nje ukuthi  
kuyalalelwa. Kuyasetshenzwa.

Etshwaleni la besuka bepuzi-  
khona, kukhulungwa ukuthi abe-  
ngu kuzwakele ukuthi bayawela  
nabakhelwayo ufike sebenza  
izinkolo ezintsha zophumo ngoba  
bethi abantu abaphume kubelu-  
ngu.

Bangase babona ukuthi uStu-  
lumeni lo ngusambula nkungu  
kuvule ilanga. Yingonyama yomndeni  
ka Mtsh. Okuthi lapha kufika thina  
zimaku akhonkotha, Igovu elikhulu  
lithalalise. Umaqumba aqalekise-



16 K13/27

167 / 16<sup>16</sup>

Owagalekisa abantu ejele ngenxa  
yezono zabo. UNkosi inomusa  
ngokuhawukela izintandane, nezi  
nkedama. Ehawukela izimpumputhe  
nezinyonga nezixhuala. Uso li  
wela umfula ugcwele ngokubona  
ukweswela nokudinga kwethu.

Owafaka imfundo ezweni lonke  
Owabona ukufa kwesizwe

Isizwe sifo singenamfundo

Wenza izikole indawo yonke.

Ukuze abantwana bafunde.

Bafunde ukuhlakanipha

Ukuhlakanipha okuzobasiza.

Kukhuphule isizwe sakubo.

Size sifane nezizwe ezinye

Isizwe eziphuculwa yimfundo.

B Bayede Nkosi! mana nyalo.

Bayaqala ukukhanyelwa kancane  
abantu, kukhanya ngakunye. Kuthi  
kwezinye izinkantolo kumenyezwe  
ukuthi, zonke izimpumputhe nezinyo-  
nga nezixhuala, mazilithwe zizobonwa  
enkantolo. Zuye ke nempela ezinye. Zithi  
zifika zibe zikhonjwa kudokotela  
kaHulumeni, eziphola. Kuthi uma e

klumeni, praise of

K13/27

no 1 ends 167 17<sup>17</sup>

kubona ukufa loko anike isiguli  
incwadi yobufakazi, sive nayo enka  
ntolo. kuthi sitshelwe isiguli ukuthi  
asoloku sibuya njalo kungaphela  
myanga sizohola. Impumputhe ihole  
ishumi ~~ngenyanga ngenyanga, unyonga~~  
ishumi nesihlaka ~~nsihwala naso si~~  
hole noma upondo, kuye njalo nyenge  
zidingo zomuntu.

kepha phezu kwaloko abantu aban-  
myama bathi ka, kukhona okuqond-  
we abelungu. bafuna ukuyenga  
abantu bababulale. Basabahola nje  
ngemali le bazokabulala.

Ngakoke isihulumeni keme njalo  
angadinwa yethi bantu asifundise  
zonke izinto ezingasihlakaniphisa.  
noma sinkhathaza, asizenzi senziwa  
yukungazi. sifana nengane ekhasela  
eziko kuthi uma uyivimba la ithi  
ibamba ilahle elibomvu ikhale ithi  
uyayihlupha.

Sengiyema baba ngiyabonga.  
ngisafuna ukubala ngesibongo esithi  
Cele. Angazi ke, uma indaba iyolu-  
nga ngobuye nguzilandelise izibongo  
~~Zomakhosi abantu~~

167

Magidigidi 13/23 indexes 18  
uTele. lele tribe 167

167

Utele lo ngoka Ndosi, ka  
Khumbuza, ka Nkomisengwilele.

U Nkomisengwilele wayeyinduna enkulu ka Tshaka eyisilomo ngempela ku Tshaka. Enesizwe sakhe nje asiphetheyo. Ewathanda amasi kanye nesizwe sakhe, ephawulekile ngokuthanda amasi okungangoba noma inkomo ilele yayisengwa kwethiwe amagula agwale ekhanywe ku vutshwe amasi ku phuzwe umlaza.

Wafa u Nkomisengwilele kwema inkosana yakhe u Khumbuza naye waba yinduna yenkosi u Tshaka ehlaka niphileyo wayiphathela inkosi isizwe lesi ebesiphethe ngenjise, wasiphatha ngokuhlakanipha naye

njenngoyise. Naye wayithokozi  
inkosi ngokuhlakanipha kwa-  
khe.

Wafa ukhumbuzwa kwema u-  
ndosi inkosana yakhe kwa  
ziloku amasi eyigugu njalo  
kulesizwe. Nokhumbuzwa  
waba silomo njalo enkosini  
Naye waze wafa kwangen  
inkosana yakhe uCele.

Naye wabusa kahle esizwe  
ni sikayise wayiphathela  
kahle inkosi waze wafa  
kwangena indodana yakhe  
uMagidigidi inkosana ka  
Cele.

Kuthe la lesizwe sikacele  
sesiphethwe ngu Magidigidi,  
sesuka isidumo. Kwesuka  
izinduna ezinye zaya ko  
mhlala enkosini ushaka,  
zathi, "Nkosi mqa phele u-  
Magidigidi lo, uzokwenza kabi

Uhlakaniphak kaaba, lomuntu  
futhi nesizwe asibusayo sikhul-  
u. Futhi ufuye kakhulu ne  
zinkomo use noNyoni kayi-  
phumuli sengathi nguyena  
nkosi. (onyoni kayiphumuli zi-  
nkomo ezimhlophe ezefuywa  
zinkosi.)"

Nempela inkosi yase i-  
mema ingina enkulu.  
yathumela naku Magidigidi  
yathi kafike nabantu bakhe  
bonke nezinduna zakhe ke  
beze kuye, wathi, "Woza  
mna we sizobulala ibubesi  
ngezandla."

Nempela abantu bazishiya  
ekhaya izikhali.

Induna enkulu ka Magidigidi  
kwakungu Magaye ka Duba-  
ndlela.

U Magidigidi ke waqhuba  
u Magaye ka Dubandlela ne-  
sizwe sonke esikhulu phambi

li yena wasalela emuva  
namanye amadoda ayimi-  
thonselana.

Wafika uMagaye wangeri-  
swa esibayeni esikhulu esi-  
ngangenkambo. isango lilinye  
izikhali zonke zingaphethwe  
ngoba phela ibubesi lizobu-  
lawa ngezandla. Inkosi  
uShaka yaphethela ngase  
sangweni. Phakathi ngu-  
Cele wodwa.

Yase yenza isiga sayo  
ebe isihlanganise namabu-  
tho ayo angaphandle kwesi-  
baya asuke angena abo  
phohloza ngamawisa bafela  
phezu abaka magidigidi  
bephehwe nguMagaye ka  
Dubandela, induna. ~~ka~~ Haze  
uMagaye wafar. Akuphuma-  
nga namanye kwababengene  
esibayeni lapho.

Babulawa ngalesidumo  
 nje nangw uMagidigidi eza  
 uza namadoda abesasalele  
 emuva naye, bathi baya  
 enqineni yebukesi, bahambi  
 bayavathazela nje abaphethi  
 zikhali phela ngoba lizo  
 koto klotshozwa ngezandla  
 ibubesi leli.

Baqhamuka njalo sebe  
 jabe bayajuluka oMagidigi-  
 di, sekugqhamuka nje i-  
 ndoda enye ublangana  
 nayo endleleni ithi, "Au!  
 ake ungisize Magidigidi ngi  
 bangule nanka ameva la,  
 onyaweni." Usekhothama  
 uMagidigidi ethi uyam-  
 bangula naye usekhomba la  
 ehlatshwe khona.

Ukhomba njalo akukho  
 meva uyamhlebelala uthi, "Wa-  
 fa, baleka, sekephelile abantu

Bakho nomagaye usefile!  
 Baqongqelwa laphaya esiba-  
 yeni. Akukho kubesi. Iku-  
 besi yini."

Seku ukusuka kuka  
 Magidigidi eqhweba lama  
 dada ahamba nawo. Ese-  
 wahlabela esewatshela ethi,  
 "nyelani nithathe abafazi  
 nezingane nezihlangu neqe-  
 kungahlwa baphelile aba-  
 ntu bami nya, nathi sizo  
 vinjazelwa la kuthatha  
 ukusa."

Au! Nempela ke ebusuku  
 Beqa bawela uthukela  
 bahambe beThu beleza baze  
 bawela uMzimkhulu qede  
 bahlala. Bathi ukwakha  
 iminyakana phesheya ko-  
 Mzimkhulu, nakhona ba-  
 suka ngesidumo ukuze  
 bazokwakha lapha nje



167 7 2 K13/24  
nganeno komthavuna. Ba-  
fikela ku Klana, inkosi  
yakwa Kolo.

Sekufika uMagidigidi  
namadoda alikhulu empi  
ehamba nabafazi naba-  
ntwana. Bafike bakhe  
ke bevunyelwe ngu Ma-  
klana inkosi yakwaKolo.

Phesheya komzimkhulu njalo  
bahambe bedle izinkomo nezi-  
mbuzi asebefika nazo lapha  
kuKlana.

Kuthe kusekhuble besakhile  
sekusuka abantu baka-  
Mbonwa, inkosi yakwaMaci  
sebentshontsha izimbuzi ezi-  
ngamashumi amabili zika-  
Mjiba, omunye wabantu ba-  
kaMagidigidi. Phela useyi-  
nkosi manje uMagidigidi ye-  
sizwe sakhe lesi sikaCele a-  
fika nazo la kuKlana.

Uzesuka umjiba lo, ebikela induna ka magidigidi unongcengenge. Isilanda umkhondo ke induna iye izibambe kumuntu kambonwa inkosi yakwamaci.

Abuye nazo unongcengenge zibikwe ku magidigidi. Bamtshela ukuthi ~~be~~ kabike lento kambonwa nempela abizwe amasela avume, ese zihlabile azidla ezimbili. Avume kahle, kuthiwe ka zihlahle. Akhiphe amazinyane ahlahle ngawo.

Athi unongcengenge no mjiba akwenzeki zenanwe ngamazinyane izimbu-zi zingaka. Bathi abakwa maci, "Impahla ngumthetho ukuba yanawe ngengalingani nayo.

Bazidube omjiba no nongce

ngengce. Babikele inkosi u  
kuthi ayihlome iyokulwa  
nomaci.

Yale inkosi bayikele.  
bahambe futhi badle izinko-  
mo ezizishumi nambili kwa  
maci eziza no nokwentani no  
mjulelwa, (amagama ezi  
nkomo lawo)

Bayihlabe enye endleleni  
basike umshoba wayo ba  
khiphe inyongo bayishiye  
baqhube ezizishumi na-  
nye. Bazithole kumagidigidi.  
Bathi "Nazi izinkomo zakho  
nkosi. Sizidle kwa maci."  
Kuphele nasokhezweni ku  
magidigidi. Athi, "Hawu!  
Nongcengce uthi ange-  
nze njani wangiyabanisa  
nomaci engaka nginge  
namabutho nginekhulu  
kuphela!" Athi uNongce-

ngengce, "Sebedelele - Magaye!  
 Inkosi ayizibonele." (Phela  
 abantu bonke besibongo  
 sakwacele u bezwa befunga  
 u magaye ka Dubandela, leyo  
 ndunankulu ka magidigidi  
 eyafela enqineni yebu besi  
 nocele wonke owa wumenywe  
 ngu Yshaka kubeyo nqina.)

Isuke ke inkosi iye ku  
 Klana inkosi yakwa Xolo.  
 Dyibiki indaba yonke. Athi  
 u Klana, "qha! mazise kimi  
 izincomo lezo ngizoziyisa  
 ku mbonwa mina ngimtshe  
 le ukuthi ngizibambe ema-  
 nyangazeni (amasela) ewela nazo  
 umthavuna" ngimnike zona.  
 Nempela ke aziqhuba u Klana  
 sezizishumi nanye. Azitha  
 the athule u mbonwa kanti  
 useyayazi indlela yazo sebe  
 mtshelile onoklebe.

Myafika ekhaya ukolo umbonwana  
uthatha izinkomo zakhe uzi-  
phonsa emathanga.

Nomagidigidi aphonse ezakhe  
emathanga (kump. she. 27ca)

Bazibalekisola ukuze kuthi  
uma umaci ebalandela ezo  
zidla angazifici ekhaya.

Kuzwakale ngonoklebe ukw-  
thi umbonwa usesika ama-  
hau nomaci wonke, use  
khanda izihlangu zempi.

Umagidigidi nocele wonke  
asike izihlangu akhanda  
imikhonto. Nokolo wonke  
enze loko. Bahlala ka sebe-  
cuthele impi ka mbonwa maci.

Kuthe langa limbe zakuya  
izinkomo emathanga ntambama  
zihamba zodwa. Izinkomo  
zakwa xolo nezakwa cele.

Hau! Ababoze amadoda  
abikele amakhosi. Kube-

sekuzwakala ngo hokheberu  
futhi (onoklebe) ukuthi izi  
nkomo zidilizwe yimpi ya-  
kwamaci emathanga za  
khumbula emakhaya ke.

Basebeyazi ke sebefakana  
imilomo. Sebebopha abafazi  
nezingane beya kocasha  
ezixhotsheni kwasala ama-  
doda nenkosi umagidigidi  
emakhaya. Hayi ke ba-  
lale nje kahle bezivalele  
ezibayeni izinkomo lezi.

Ekuseni kusa wathelaka  
umaci, wakhankasa ngemizi  
yonke wafika ezibayeni wa-  
vulela izinkomo kuphela.  
Uhlomile uphelele umaci, ke-  
be sekukhala isibamu esibaye-  
ni kwa magidigidi.

Phela usethe ukuba ezi-  
magidigidi wase goqa izinda  
induna nabantu bayo wayi.

167

ES II

13

K13/28

30

Kuyisela kuye ekhaya, Indu  
na phela esuse isidumo nga  
ye uNongcengenge lowo.

Kwathi emizini washiya  
nje imithonselana yamadu  
da nabafana bezinkomo, impi  
yonke yayogqinga kwa  
magidigidi ihlome iphelele.

Kuthe ukuba kukhale  
isibami esibayeni, umaci  
avulele izinkomo, iphume  
impi ka magidigidi isamba-  
ne no maci. Kutshi budubudu  
abaleke u magidigidi no cele  
wonke. Zasha izindlu, za  
qhutshwa zonke izinkomo.

U magidigidi lo ubale  
ka nje uya kohlala nga  
phambili. Afike ayiphake  
impi yakhe ngamakhalala  
amakili, iyovimba nga  
phambili.

U maci use wushisile

umuzi wentsosi useyixoshi  
le nempu useziqhuba  
izinkomo usethi nje & kuze  
ngizidle izinkomo kalula.

Kuthe eridleleni yavuka  
ephethwe nguNongcengce  
la zithe nje ukwedlula  
izinkomo lezi abaziqhuba  
yo abakwa maci.

Kwezwakala waba munye  
ethi, ngephimbo lonke lakhe  
"Zemuka magwala ndini"  
Yayisiphathene, Cetshwayo  
ke khona!

Kwezwakala nje aba-  
kaNongcengce kukhala  
ukuthi "Ngadla mina mfo  
kasibanibani ngenkomo  
yami engumbala owukuthi  
Ngadla mina mfo kababa  
ngesinqindi sami. Ngadla  
mina mfo kababa ngenko-  
mo yami engumbala ongu



kuthi. "

Pho Izingwedi zemfu wake wazikhwela umaci? Bayichitha njalo, lalithele ka elinye iphiko lakwa maci elivoshwa yiphiko lakwacele eliphethwe ngu Magidigidi ngobo lwakhe.

Lazicoma ku nongenge ngce esenuka igazi phw. Bathe ukuba bayidumele lathleka elinye iphiko lakwamaci ebe lingakalwi Yabambana kwanuka igazi, wathleka umagidigidi neyakhe, Hayi kwashunqa izintubi. Wadla ucele kwakhala u "Ngadla mina mfo kababa, Nga dla mina mfo kasibani bani omnyama! Ngadla ngadla ngenkomo yami! Ngadla ngesingindi sami"

Ya baleka eya kwa maci  
 isiphelile ngucele! Isibaleka  
 njalo isilandela izinkomo  
 ezidliwe kuMagidigidi,  
 useyisukela impela eyijaha  
 ucele, kanti njalo kangaka-  
 kanani nje, uMaci mkhu-  
 lu, kepha ucele udla ngo-  
 ba uyifundile impi uyifunde-  
 le kuShaka unamasu onke  
 okulwa ayivelele ngesu impi.

Sekuthi ukuba ibe nje-  
 ngalaphayo, nje usememeza  
 uMagidigidi, ememeza aba-  
 ntu bakawa maci ethi, "giji  
 mani phambili nifice na-  
 nguya uMbonwa, nintshe-  
 le ukuthi ngithe kangi  
 lindle lapho ngifuna uku-  
 zoxhawula kuyena.

Nempela ke ajakhe uMaci  
 aye amfice uMbonwa na-  
 baqhuba naye izinkomo

167:

"

K13/21

34

antshela athi, "Uthe u magidi-  
gidi yima la umlinde azo  
xhawula kuwe."

mamo! Kiwabe kabali  
gwinyanga ku mbonwa.  
Wathabatha ngejubane,  
zasala phansi zonke izi  
nkomo ebe sebezidile, wa-  
thi u mbonwa, "Anazi yini  
ukuthi uthi uzoxhawula  
nje uzokungibulala?" Za  
ziyaya kakhulu kumaci  
wonke.

Bafika ezinkomeni qede  
baziqhuba abangebangaki  
zabuyela ekhaya, yedlula  
impi yesukela u Maci  
waye wafika emabaleni  
wadlula ngejubane.

Babodlela ezinkomeni  
bazidla lezi ezazibuyise-  
lwe ngu Klana ethi zinya  
ngazwe ngamanyangaza.

esho karanti zidliwe ngu -  
 Nongcengenge, okuyizona  
 Zasusa isidumo.

Kulempi ke wazenzela  
 ngazi uMagidigidi. Ehlule  
 isizwe esingaka sakwama*ci*;  
 engelekelelwanga na ngu -  
 Xolo.

Usefika ekhaya uyavusele-  
 la izikhali zakhe. Usehloma  
 njalo ephelela. Usehlasela futhi  
 uhlasela umbonwa inkosi yakwa  
 Maci.

Kwathi la kusemnyamana,  
 ngesikhathi sokuba abafana  
 nga bachitha izingeje zaba -  
 numzane, loku ucele usekake  
 umuzi wenkosi lo, wakhanka-  
 sa omunye wavimba ezintube-  
 ni zontathu, wayesezwakele  
 umfo ka Cele (uMagidigidi)  
 ngephimbo, wathi, "Ka kushiwo -  
 ngo njalo, fokatana kokuthi lala

167

'9 K13/27

36

singalele!" (loku phela usetekela ucele wonke. manje - kodwa kahle ngizobuye ngijilande eyokutekela) Nyengoba esho nje usehlokoza izindlu ucele okakileyo. Seku zwakala ubu wohlowohlo be zikhali nezihlangu.

Usephuma umaci lo obe sendlini egcine inkosi, se e phuma namabutho lapha e - madlangaleni enkosi, inkosi yasala phakathi. Ayi ke mfowethu yadumelana emabaleneni kwankosi kwathi bu bu bu, wayisunduzisa umaci kwazisa ukuthi mningi ucele lo ozoyihlokoza kangakanani, kepha unesu, akukasi kahle.

Uthe ukuba ahlehle ucele kwa ukusungubala ku ka Mbonwa wathi nyelele uthe ukuba asithele wathi galo

37 167

28

K13/287

yephuka! Kwathi kuya e  
Mzimkhulu emfuleni kwaku  
shunqa izintuli izithende se  
zishaya esiphundu!

Wahlhla ucele wahlhla  
yaphumela eshashalazini eka  
magidigidi Maci. Ho! yadume-  
lana mnawe. Lapho uMaci  
walwela ukufa nokuphila, ko-  
dwa kaze agwaza muntu  
kucele. Kwathi dukuduku-  
kwezwakala ubu dinsi dinsi  
washo ucele, "Ngadla, ngadla  
ngadla ngenkomo yami, ngadla  
mina kababa! ngadla!  
dinsi! Ngadla mina mfo ka-  
sibanibani! Ngadla ngesi  
ngindi sami! Ah! Kwa  
ukufulathela kukaMaci!  
Wabalika wahlhla izikhali!  
wethwala imkhono ekhanda.  
Pho! uMagidigidi ngu-  
muntu yini! Silwane! Esi-

nhliziyombi! wZulu ngobo  
lwakhe!

Zasha izindlu zakwa  
mbonwa. abanye baqhu-  
ka izinkomo, wayiphaka  
yahlangana nephiko lesibi  
li lakwacele lisabambene  
noMaci yadumelana! Wa  
dla ucele! Kwakhala ukuthi  
ngadla! ngadla ngesingindi  
sami! ngadla mina ka-  
baka! Wabaleka futhi u-  
maci. Zasha izindlu  
zaqhutshwa izinkomo zaya  
kwanagidigidi

Yahlangana yafuna i-  
khala layo lesithathu, ya  
lifika libambene noMaci  
engangezibi. ifika njalo  
isinuka igazi yandume  
la uMaci igazi lakwa  
maci la zichibi phansi  
yadamuka yabambana

wabaleka umaci. Zasha  
izindlu. Bafice nganyana  
bazihome esigotsheni isineke  
bedlule, bafuna bamsukela  
impela umaci bonakalisa  
kabi!

Kanti umbonwa usebaleke  
waye waphonseka esibubulu-  
ngu walanda abelungu, wa  
thi abazokumlamulela wafa  
yizulu, limbulala kabi. Ba  
gibela amahashi abelungu  
bathleka kwamaci bazi-  
lamulela. Bashaya umthetho wo-  
kuthi akungaphindi kuliwe  
babeka inkantolo ePort Shepsto-  
ne, bathi, "Uma isizwe si-  
ntshontshela esinye maku  
mangalwe enkantolo kube yi-  
nkantolo ezojizisa.

Nempela ka wakhawula  
umagidigidi ukulwa izimpi  
exosha izizwe.



167

23

K13/24<sup>7</sup>

40

Kwathi noma amazosha  
 efika ezokweba umbila ema-  
 koyini (ingotso) namathanga,  
 nama mpondo eba izimbuzi  
 nokudla, wayilungisa nje  
 leyondaba ngaphandle kwe  
 mpi.

Phela kushiwo ukusuka kwa  
 Zulu nje kuze kufikwe phesheya  
 komzimkhulu nguMagidigidi,  
 kushiwo uhambo olwamthatha  
 iminyaka, ngoba phela waye  
 hamba esikizela nocele wotke  
 onamadoda empi alikhulu,  
 nalamadoda eganwe sithembu  
 abafazi beqhuba izingane!

Kwenye indawo kuhlalwe  
 kulinywe kuvunwe qede kwe  
 dlulwe. Kwenye njalo ku  
 phunzulwe abanumzane ba  
 gqashule amakhambi belaphe  
 bashayehwe izinkomo baholelwe  
 nangokudla. Yiloko ke okwenz

uku ba bayafika phesheya  
komzimkhulu banezinkomo  
nezimbuzi nokudla.

Babazithenga futhi izinkomo  
ngamageja anomsukwa ngoba ba-  
befunde uku wakhanda.

Phela, phesheya komzimkhulu  
lapho, ucele wayeqonde ukwakh-  
khona, endaweni ephakathi komzim-  
khuywana nomzimkhulu, noma  
babeqhathazwa ngamazotsha ngo-  
kweba ukudla kwabo, babezowa  
lungisa.

Kuthe besathi bayazinja,  
kwafika abelungu ku magidigidi  
bathi kabanike izinsizwa ezilukhu-  
ni ezinamandla bafuna ukuzibala  
ziye komba um imigwaga, ziziqale  
kwazulu, zehle nayo, ezweni labo abe-  
belinikwe yinkosi (Early English Settlers).  
labelungu besuka esibubulungu.

Ha! Lwamshaya kwamona  
u magidigidi. Wathi, "Magaye wa-

Dubandela! Uhlola lo! Tihwane tani  
tona leti, netitongilandela sengiti-  
balekele kazulu, tingibite tisiva  
netinemandla tokuya esibalweni!

Asiyambe banu bami siqhube-  
kele ngembali. Akukho munu  
notobuyela kazulu la."

Usetekela ke njalo uMagidigidi  
nesizwe sakhe. Ushintsha ulimi  
ezama ukuphambanisa umkhondo  
ukuze angezwakali ngokukhuluma  
ukuthi unguMalandela.

Sekuthi ke ingane ezalwayo  
sezisikwa lapha ebusweni izi  
nhlanga ezinde bonke ubuso.  
Bonke lapho njalo bayazifikela  
ukuba bangabona kanti ukuthi  
bangamaZulu. Sekuthiwa  
ngamaBaca. NgamaBaca  
ngako ukuba babacela uZulu  
ngolimi nangaphawu lokutalula  
(sika) ubuso.

Sebethutha ke beza la kwa-  
Cele, ngenxa yevuso labelungu aban-

43 167

26

K13/237

funa izinsizwa ezinamandla zo-  
kuyomba imigwago.

Mgudazi Bafika ke kuleli lakwacele,  
& Bafika njalo lelizwe ligcwele ama-  
the lion bubesi nezingwe nezimpisi na-  
mankentshane.

Kuthe ngelinye ilanga u Mguda-  
zi uyise kamjiba wayothenga  
izithole ezibili eMampondweni,  
ezithenga ngamageja anomsukwa  
ngoba wayefundile ukuwakha-  
nda yena. Ufika nazo izi-  
thole zakhe zikhuluphele ziya-  
tebezela. Sekufika amabubesi  
amabili ephuma ezingolweni.  
Nizwa kuthiwa ezingolweni nye  
phela kwakuyizingolo zezingo-  
nyama lazihoba khona. Kwaku-  
ngedhulwa lapha ezingolweni  
kanye lakumi khona isiteshi.  
Erutha ethi be, ehlasela kulo lo-  
nke leli lakwacele ekloboza aba-  
ntu nezimbuzi nezinkomo. Sekuthi

107

27

K13/28 167

44

Kusa umgudazi ufika sezidliwe izinkomo zakhe, usethukutkela ephelela, usephonseka ehlathini egawula indlu nezintungo, useyakha eyiqeda, esebiza amadoda ethi abaye ezingolweni bamethwalise indlu bayobulala ibubesi, esaka amadoda, wawayeka umgudazi wangena kwakhe wethula umkhonto wakhe ezintungweni waphuma waqonda ezingolweni. Uthe nje esaqhamuka, walelamela elenkunzi, sambona qede labodla laqubuleka. Weza nje walihlanga beza. Lithe la lithi lilungele ukungxumela waliphuthuma phambili waliphonsa umkhonto enhliziyweni, lawa wawa naye.

Kanti uwa nje bamlandelile, behambela kude naye bethi ake babone ukuthi

uzokwenzenjani. Sebembona  
eliwisa naye ewa. Bathi,  
"Au! Lamwisa!" Bagijima be-  
bona nebubesi selilele. Sebethi  
kaphuthuma ukuyobeka ukuthi  
limkloboze kuyiphi indawo, qede,  
bambona evuka kahle nje e-  
khumula umkhonto wakhe, eli-  
qedela: uthu ethatha wayehlinga  
umlenze wayewethwala njalo  
eqonda ekhaya, eshuya ethu  
amadodeni, "yethwalani nanso  
inyama, madoda, niyijise ekha-  
ya!" "Iye enkosini!"

Usefika qede ekhaya, use-  
basa umlilo ebenga umlenze  
lo ewosa eqoba edla.

Athi efika amadoda aye-  
khwela phezu kwenyama yokosa  
ayidla nawo adumala qede  
andukuhlalela ibubesi eli  
pheka, kwankosi.

Anduba umgudazi axhume

167

29

K13/28/167

quds

izi bongo zakhe ngokuthi, <sup>46</sup>  
 "Umadelumzimba athathe umlenze."

his

K. 9. 51

Nelson

Inkosi le uMagidigidi  
 yimfushane, imnyama, inesi-  
 thunzi. Izitho lezi zibuku.  
 Imigqiki egijima izinkonyana  
 ezihluzini. Izingalo lezi zi-  
 ngaka bo! Zigijima izinko-  
 nyana kwelifuphi. Intamo  
 le, ngamafindo nye! bo! Ibilo  
 liyalenga. Ubuso ngama-  
 findofindo nye amehlo ashone  
 phakathi zindaba zokukhu-  
 luphala. Umkhaka lo uya-  
 lenga. Yisilwane ugobo lwa-  
 so! Yisilwane sibeka, yisilwane  
 sinyathela! Yisilwane sivula  
 umlomo sikhuluma!

Usethi ukuzinza lapha ke  
 kwa cele, loku phela a belungu  
 sebebeke inkantolo eSayidi  
 (Port Shepstone), akusena kuliwa  
 futhi, naye ke usexola u-  
 Magidigidi. Selushintsha nxa

ke ulimi. Sekuthi ucele wonke  
 Cele usetekela manje. (u wenzani  
 dialect kube u wedani. Amanzi kube  
 (isidala) amadi. uzoyaphi kube utoyaphi  
 umuntu = umunu. izinkezi =  
 itiyuni izincomo = itomo  
 umfana = ufwana = intombazana  
 = inombatana. Insizwa = Isiva  
 inkosi = iyosi. umntwana = unwana  
 etc etc.

Lenda ba belo yonke ngiyixoxe-  
 lwa ngusokhurishi, indodana ka-  
 Mjiba, indodana ka Mgudazi lo  
 swabulala ibubesi ngesingind  
 umadela umzimba athathe umlenze  
 uthi usokhurishi, etekela phela  
 uthi " Mana wayefelwa, etalela  
 kasi. kwate kwatalwa tingane  
 netiyilishumi teva ngenane  
 neyowa tifa. Kwase kutalwa  
 mina ke. Yafika iyosi itongi  
 bona, ngitehwe ngoba phela bawo  
 lo, Mjiba wayeyinduna yeyosi.

isidala



1971

31

K13/287

48

Uyafika ke Magidigidi etongibona ngitelwe. Uthi kumana "ake ukhiphe ifene leyo ngitoyibona. Usengikhipha ke mana esengithatha engisini ethi ~~we!~~ we! Yifene luqobo lwayo! Ukhokhishi! Thatake fati wamjiba nazi ifene yakho ngiyibonile. Kanti iyosi ithi ngiyisiwane nje iyangi goma! Nanohla nje! naku se ngingwevu ngisekhona!

Ngithi ke awuyi kwehluleka ukukumusha lolulimi olunge-  
nhla lulula.

hairdress

Nokubinca kwabo ke base bekuphendulela. Kuthi intombi ekhanda iphothe izinwele zibe bomvu nganhlanye zibe mnyama nganhlanye, kuthi we iphothe uthiliza. Ngisho intombi njalo ngisho inkehli. Kuthi ke uma isigcagca ikhehle i-

49 167

32

K13/287

nkehli (ujobe) ngelanga lelo nje lomshado, kuyasa kusasa iya mkhumula ujobe se iyephotha lonke ikhanda ifake ibomvu zingunywe izinwele lapha esi-phongweni zikhawule ngamehlo kuthi ke emehlweni emaceleni nangemuva zike zinde zishaye entanyeni noma emahlombe, njengesangoma nje

Iggila ilibinca ngelanga mhla iyogoya mhla ingena emzini ingena ngalo, kuyasa ifaka isikhakha sembuzi, umhlanguaniso.

Konke okwamabaca akufani nokwamaZulu. Bekake ngoba kwaZulu ujobe lo umuntu u mu kkehla ngalo aze afe naye kwephotha izangoma zodwa.

Juthi kubincwa inkomo kwaZulu kanti lapha kubincwa izimbu

Loluphawu ke lokuba ku-  
 shawa sikwe ubuso, selwabangena  
 abantu lwabangena umkho-  
 no nesiphanga. Ingane i-  
 zalwa qede isikwe ubuso.  
 Uma ingasasikile yakhiph  
 igazi elibi, izolukhalela  
 loluphawu. iteteme ka khulu  
 Uma ize yaba ndala izoba  
 sinyefu. ithi noma ibidlala  
 le kude ibuye ifike ihlale i  
 qondane nomnyango ichame  
 noma iboshe khona - njalo - nje  
 baze bayibone abaniniyo ba-  
 yizawule qede kuphele lobu-  
 nyefu.

Ucele lo yisifunda esikhulu  
 impela. Ngase tingizimu sehu-  
 kaniswa umthavuna nama-  
 mpondo, ngoba ngaphesheya ko-  
 mthavuna ngamampondo, ngane-  
 no ngama Cele. Ngase mpuma-  
 langa siye sikhawule kwesika  
 Nzimakwe. Ngasentshonalanga

51 167

34

K13/287

General remarks abt  
Cele tribe

sikhawula ngaphambi kwasezi-  
ngolweni, ngoba ngale kwaso nge-  
sika Charlie. Ngase Nyakatho ke  
nguxolo aze ayokhawula eMbeni  
ngale kwaseMbeni (Intaba) ngesase  
Nsombini siye sihlangani nesa-  
kwa Charlie. Yizo lego ke izizwe  
ezikake ucele.

Nanamhlanje, akuzinkomo  
kubantu abakhe lapha kwa  
Cele. Umuntu emunye ephethe  
amashumi amabili nantathu  
ezinkomo, kube kaphethe lutho.

Phela nabantu bezinye izi-  
bongo sebegwala nje lapha  
kwa Cele, ababengene ngokuzo-  
khonza njalo nje, bakhile ke  
kuso lesabelo.

put on  
local  
card

Ngikhuluma nje, mina ngi-  
hlala kwa Mobela khona lapha  
kwa Cele, ngifundisa eMithini  
Government Aided school. Into  
engiyiphawulayo, ngamasi, Sidla

167

35

K13/207

52

amasi sivuka impeta. Zizele  
zintathu kanti futhi ezinye  
ezintathu zemithi nomlomo.

Ayadliwa amasi kulesizwe.  
Befuza inkosi yabo endala  
unkomisengwilele.

Indaba yempuuko yi-  
khona iqalwayo lapha. Aba-  
ntu kade bezikhalele nje bethi  
bayabusa. Namanje nje u-  
ngamangala uma ungena e-  
ndlini yesonto yaseMithini  
ngesonto. Abanumzane  
abasondayo bathathu ama-  
khosikazi egwala indlu.  
Kanti futhi isikole lesi singene  
kukulumeri. ngo April 1938  
sigcina kuStandard One.

Okungimangalisayo yizingane  
zika First year ngalesikole nje  
zingu 63, eziku Second Year naku  
Standard One ke zingu 42,  
nalezingane kusezingane eziyi

Mimpuuko  
(School)

53

167

36

K13/287

ngcosana nje zabantu asebeqa-  
la ukubona ubuhle enkanyisi-  
sweni, eziningi ngezisemakha-  
ya zizihlalele nje.

Mina ngifike la ngo August  
lo ka 1938, ngiza ngoba ngizo-  
fundisa izingane ezi 50. Engen-  
ela ukufika sekuyezwakala  
ukuthi sekufike utisha ka-  
Hulumeni, sekubuye kungen-  
amunye u 55. Ngingedwa. Ngima  
ngesimo kusuka ku 9 a.m. kuze  
kuba ku 2:30 p.m. ngenza  
ubungcono engingabenza, ngi-  
dumisa ubukhulu bukahulu-  
meni wemfundo ngawo onke  
amandla ami kuze kufike isikha-  
thi lapha uhulumeni eyoba na-  
mandla okukhokhela abanye  
otisha lapha eMithini. Abantu  
lapha basebumnyameni. Ban-  
ngqondo yokuthi bathole okukhulu  
Uma uhulumeni esebaphathele

Don't count

167

37

K13/207

54

isikole sezingane zabo, baphumelele  
 mina ka engifundisa izingane  
 kuthi njalo ngokuphela kwenya  
 nga ngemukele amasaka oku-  
 dla okumnandi kuphuma ku  
 hulumeni wami, ngibe sengi  
 hola isidinsi semali njalo  
 ngenyanga.

Abazi ukuthi ngilapha nje  
 ngihola imali ka Second  
 Grade, angiyitholi neyokufunda  
 kwami u First Grade. Kepha  
 ngithokozela ukuthi uma  
 ngingatshala imbewu efanele  
 lapha emithini, noma ngi  
 lamba, ngobe ngiphumelele.

Eminyakeni ezayo angazi  
 nje ukuthi sizoba ngakanani  
 lesikole ngoba izingane eziningi  
 ezisazihlalele nje emakhaya.  
 La ziyongena khona kuyobonaka  
 la.

Sengize ngeduka ka khulu

indaba yami ngingakayiqedi.

Phela abelungu laba bangene kusenguye uMagidigidi, engakafi.

Njengoba naye wayethe abafazi abalishumi, nabantu bakhe ke babeganwe sithemba. Wanda ucele waba mukhulu kubuye kusike imibango, amanye amadodana aphume imizi yawo, amanye njalo athuthe akhe kwamanye amakhosi, nezinye izinduna zibange zithuthe zakhe kwezinye izindawo, yilokoke osekusakaze ucele lonke izwe lase Natal. Kepha ucele ngobo lwakhe umuzwa ngokutekela.

Ngikhuluma nje ezembeni nga semphambanyoni, eduze kwase Mahlongwa, yisifunda sakwacele, owahlephuka kuye locele. Nase

uMnyama uMnyama  
abafazi



Mzumbi lapha bakhona abakwa Cele bayisigodi impela lapha e Fair View, esikoleni. Laboke bayinzalo kaSindweni, owa-thutha besandukufika la kwa Cele. Wafike wakha la eMzumbi, lasekuya Fair View khona. Erabafazi abayisithupha bezele nabo. Kwafikela abefundisi phezu kwakhe, nenkantolo la e Sayidi yaqinela phezu kwakhe. Amadodana akhe namhla ase ngweru. Athola inhlambhla wona ngoba umfundisikazi owabe ephuma phesheya owakha e Fair View Girls' Home, wafikela kuwona engabafana, akhetha inkosi afundafunda. Kwathi uJaffa Cele waba ngumfundisi wokuqala omnyama owagotshelwa e Fair View. uMbulawa Cele ungumshumayeli nanamuhla uSilima Cele ungumshumayeli

57  
K13/28

7 167

40

# NOZ ENDS

- Lindokwe, amapoyisa abant

futhi uMmangalelwa kade e-  
fundisa, manje usesebenza kwa  
mmeli.

Uxilima ungixoxela indaba  
enkulu eyehlile uyise. Kuthi nje  
la bengabafana, oxilima nabo  
oMmangalelwa laba kusuka  
umfowabo Mmangalelwa uthunywa  
nguyise uthi kayokweqela izinko-  
mo. Nyala ke uthi usaya ko-  
kweshela. Mamo! usindweni!  
wathelwa ngamanzi. wambiza  
ephindelela, ethi, - "U-uthi a-a  
ngikwedenjani! u-uyangeyisa  
wo-wola-la!" Waya umfana,  
wambamba usindweni wamnguma  
ikhanda wafa umntwana.

Mamo! Amapoyisa! Nonongayi!  
Bathelaka bezobamba usindweni  
ngoba eyisigebengu ebulele si-  
muntu.

Bafika! bamzungeza. Bathi,  
"Ya! Ndoda! Wena bulele muntu?"

167

167

41

index 7 58  
K13/28

Wathi usindweni. "Hhon! Uhlola  
 lo, magaye! Nitofanani kimi?"  
 Bathi onongqayi, "Sizoku bopha  
 ndoda! Wena balele muritu." Wathi  
 usindweni, "Nitonghlolola magaye!  
 Mina anginalisala. Ngitichofotele  
 lisende lami. lingevi. Angimwathi  
 ke umunu nongangikhulu misa  
 ukuthi yimuphi, ngoba elami feli  
 sende nengichofotele akusilo ela-  
 belumbi. yimina nengive buhlu  
 ngu, ngiphendulwa yingane yami  
 ngatichofotele ke. Hambani kina".  
 . . Behluleka abelungu bamahi  
 ya kempayi. Bathi nomna ke  
 ngaye kube umntanakhe eme  
 delele, kufanele am mangalele  
 angazibulaleli, ngoba: uhulumo  
 ni naye uzomnguma. uma e  
 kwazi ukuzibulalela.  
 Anduba wandweni azali ummanga  
 lelwanje.

Ukufa ku kaMagidigidi.

18/39

(Ivovwa nguMadotela umka nyabasomane,  
 ne, owayekhona mhla ela umMagidigidi  
 usegunge uphelele. Kasakoni emehlweni,  
 kapha usekhona yena)

"Ho! Mina indaba angiyithandi.  
 Ngabona uhhlola magaye! Iyosi ne-  
 ngakaya yemagalele (cele); ayigulanga.  
 Ayitange ilale kasi nolundaka  
 lusuku. Yafa iyosi!!! Iyosi

59 167

42

13/27

yemanele (cele)!!! Siwama!!!

Sikhulile!!!

Siya ngasibizambili!

Siya emlangeni!

Zathukuvuza, Zavuzavuzi

Umpangele emhlophe!

Yazalela ethala!

Yamaqanda mabili!

Elinye lusemsamo!

Elinye lisehala!

Iyosi kwasa ithulile, taphuma  
tigiyani tahamba ucele wonke tu  
beka kokuthi iyosi ithulile!

Abanumzane bethu babosana ban-  
beka lohlola nothulise iyosi, nathi  
bafati sahaba sayosana iyosi  
safika iyosi ilale ithulile. Ba be-  
the bayayikhulumisa, yathula d-  
han! Yikwesuka kwethu bafati  
sibuyela emakhaya siyogaya  
imkhupha nemidokwe sethwa  
siya ka yosi siyolinda lohlola  
nowehlele amaCele. Sesihambela  
nkuba singaseyikubuya nathi  
nebanumzane.

Sifika njalo iyosi yilokw ithul-  
ile. Ilele kayilele bithongo.  
Kuthe kusa iyosi yabola budle be-  
kwate kwayophuma ngenomo nang-

dasi ngendunu! Yabola budhu!  
yafa njalo.

Ifela Emdlazi emtini weyise. Phela  
babaleka kwazulu uyise esefile se  
kusele nina. Bafika bamuakhela  
umuti lakha. Ligama lawo kwa  
yike Mdlazi, kwabo ka yosi.

Nayo ke yase iphume umuti  
wayo ligama lawo, "Emvuzini."  
Kepha yayihlala ekhwalo. Iye nje  
Emvuzini mhla ikhumbule aba  
fati bayo, ngoba ifa nje isina  
balobokati nabayilishumi nesi  
thupha. Bonke ibakhelile e-  
mvuzini.

Kuthi noba isemdlazi iloku  
ibita inandokazi iyibitela e-  
lawini, khona la emdlazi ke  
ibuye nje iye ke nasemvuzi-  
ni kunabanye mhla ibakhumbu-  
lile.

Ithe ukuba ife, yafa Cele engu  
phelele. Labo nabakhona ba-  
hlaba iyabi nenkulu! Bahlidu  
sikhumba sayo bamfaka ekha-  
thi kwaso sisashisa. Bakhapha  
lufu baluthuntutha boke bulong-  
we bamemboza ngalo lusashisa  
siya ngambiza mbili!

Siya emlanjeni!  
Zathukuvuza, Zovuza uyema!  
Umpangele emhlophe!  
Yazalela ethala! (sasho sawohloka

izinyembezi isalukazi !!)

“Yamaqanda nabili!

Elinye lise msamo,

Elinye lise thala!

“Bambopha ke ngesikhumba  
nesimadi embethe lufu lwelulwe lu  
ngangengu bo yokulala. netingo  
takhe to ~~ke~~ tendalwa ngakazi kwe  
sikhumba. Bamwethwala bamu  
yisa emtini wakhe emuzini.

Babona kokuthi usebolile, ba  
mlahla bamngwaba. (Bemba  
ligodi nelide (6 feet deep) nelibeki  
kazi, base bemba futhi, bevundti-  
sa. base bemfaka iqosheme, ama  
dolo ekhombi esiluvini, itandla  
si tibambe amadolo. Bamgciba  
babuya batohlala. Bahlala njalo  
wile kaphelile. Kusathunyelwe  
tigijimi netiya kolandula iyosi  
kudele wakhe.

Abalobokati bokhe bimakhosi  
aka lele kanye nebekanu baka  
lele kade bengaludli lufu lwe  
yomo ngoba bethi lwembota yise  
efile. Bate banikwa ngeyomo  
lufu khona manje nje, live seku  
elasesilungwini bo. Sebeyalu-  
da laba nabakhona manje.

Kuthe ukuba bamngwabe  
bamuthi du magidigidi, wathelile

uCele. Kanti usevile ngabonokleba  
 kokuthi iyosi kuse ithulile/nje,  
 kwathi phakathi kwebusuku  
 kwervakala livi limemeta ka-  
 khulu lithi, "Thula!" "Thula!"  
 nempela kwasa iyosi ithulile.

"Watheleka uCele! Uphuma ka-  
 Cabashi, enhla nomzimbukhulu,  
 Uphuma kushonkweni emhlangeni.  
 Uphuma kuzokufa kompondonde emzimkhi  
 lwana. Nase mampondweni ku  
 majikela lakwendele izov tinombi,  
 NakwaXolo, namakhosi akwa  
 Charlie ngaphambi kwezingolwe-  
 ni.

Uyabuta Cele wonke nofikayo  
 uthi "Iphi iyosi? Ubani nothe  
 "Thula" Ebusuku? Iyosi ithuli-  
 swe yini? Iyosi ithulise uba-  
 ni nje? Yikhipheni!!! Manje!!!  
 Manje nje!!! Ubani nothe ngwaba  
 ni iyosi singekho? Niyedeni  
 ? Ni phangiseleni kuzingwaba  
 singekho?"

Kwatumbi kabi, washo uku  
 gwazana loku uCele, belungu  
 labo noba kuyakhubungwa"  
 ngoba abelungu sibala nje,  
 baba omlamla nkunzi.

Kugala umthakathi ubejozwa  
 ngoba phela ubebarjwa ebusuku  
 kulowo mazi azothakatha kuwo  
 abanywe engagqoke lutho esi-  
 qobe ngomlotha wonke umzimba  
 Uma esekhathazile ke bambale  
 bambambe. Bambilisele amanzi  
 basije izinti. Bamchathe nga-  
 manzi abilayo egcwal isisu  
 babe sebethatha izinti lezo ezi-  
 njiweyo bazihlohle (egolo) enduna  
 bamethwale bafike emnyango  
 kwakhe bamuthu qithi phansi  
 bagudluze isivalo, ngoba phela  
 isivalo bekungezenziwa nga-  
 gonothi zingabethekwa. bathi  
 "Yemukela kasibambani!" ba-  
 hambambe useber esathe klabu!  
 Ashaya ihlombe engazihlangi-  
 nisi izandla ashokakhulu  
 athi, "Au! kade ngangimthela!"  
 kanti uyakhala ngenhlizyo.  
 Uyabukula umuntu lapha.  
 Umfazi ushaya ihlombe keli-  
 hlanganisi. Uyabuza kuye  
 uthi "Hau! ulelephi?" Akha-  
 kho thuka lokufanda sekho  
 ukugquma nye kuphela.  
 Uyaphuma elanga uyaphuma



167

47

K13/28

64

umphefumulo.

Nalomuntu othe "Thula enko  
 ini sebefuna ukunjaja ngo  
 ka sekubuliwe useyaziwa  
 obulele inkosi, ngamthumileyo  
 umthakathi seyaziwa na-  
 bathenge umthakathi ukuba a-  
 bulale inkosi.

Ha! Isicishu ukubambana  
 ngezandla eyomndeni, sekuba ku-  
 bi. Sekufika abehungu beyi-  
 lamula. bebuzo ukuthi bam-  
 bonile yini umthakathi ephethe  
 umuntu athi eyobulala inkosi  
 baphike bathi babulile athi  
 umlungu uma kufunyaniseka  
 ukuba nilahlwe ycala nom-  
 hlawula umuntu erimrukayo  
 uma nimiruka nimbulala  
 nani nobulawa.

Usefela phakathi ucele.

Belo sengiyayeka ukutekela ngi-  
 lingise uMadotela obengixoxela  
 lendaba, umkamjiba, induna  
 yenkosi, ngoba ngikona ukuthi  
 funa nitshatshatseke uma kuyi-  
 kuthi anilwejwayele ulimi lwesicele  
 nilahlkelwe yinjongo yendaba.  
 Sengizoyiqha ka ngesizulu ko-  
 dwa ngikhulume wona a-  
 mazwi akhe. ] uped 11/8/39

Mshweshwe ka Magidigidi

Kwabe ifile njalo inkosi u-  
Magidigidi. Ufa njalo use mu-  
misile umshweshwe, indaba yafa ya-  
khe.

Impela ke use thatha isikhundla  
sikayise eba yinkosi uMshweshwe  
Ungena nje ebu khosini use thethe  
abafazi abane. Yikhona esayinsi  
Zwa nje. Wayeseqagciwe no  
Matjizi, noMakdude, noMashaka  
noMamazle. kusekhona uyise.

Ubusa impela isikhathi esi-  
khulu kwaze kwagcagca kuye a-  
bafazi abanyishumi nantathu,  
loku uyise yena wafa esethe the  
abafazi abanyishumi nesithupha  
Igama lomuzi kaMshweshwe yise  
Sinyakanyakeni.

Sekuthi kusekukhle impela  
inkosi ibusa, noma yayingasa-  
lwi phela ngoba zase zivaliwe  
izimpi nga belungu, sekumna-  
ndi nje kona ukuyokotha i-  
bandla enkosini kudliwe utshwa-  
la kudliwe inyama kudliwe  
amasi. kuthiwe umbuso wona  
lowo, kwase kuqhamba ka um-  
thakathi esethakatha inkosi.

Isigula kabi inkosi igula inyama  
yonke igulela Sinyakanyakeni.  
Kuthi mhlaba ifayo inkosi, yafa ka-

bi yabola kwaze kwaphuma ngo  
mlomo. Wafingwa ke kuthiwa  
ake kubonakale ukuthi ubulewe  
yini. Wathi udokotela, "Ubulewe  
yisifo ukufa kwabantu. Kwa  
nukwa umshubeni kaBeja  
ozahwa ngumagaye kaDubandlela  
Wachitheka umshubeni  
kwasa engazwa ngoba naye  
wazi bonela ukuthi bazonjoja  
ke ke bamthola.

20/2/39.

Ufa njalo umshweshwe usezele  
uScinangempi okwakuyiyona  
Nkosana yakhe. Wayesebekwa  
esikhundleni sikayise waba yinkosi  
yakwacele.

Ufa njalo umshweshwe ushiya  
uScinangempi esenabafazi aba-  
sithupha. Kepha kazele lutho.  
apalazi bakhe bonke akaze ka-  
zala. Kuze kwathi kungasaziwa  
nje, wase zala umfana ogama lakhe  
ngumunga.

Uscinangempi lo, waeyisiguli.  
agule kube zimbiko, abuye asinde  
abuye agule aphil njalo nje, se  
kwaba ziyona mpilo leyo.

Wayesebuye engenwa kuphuzo  
ngologo. Wawuphuzo waba ngesikhulu  
isida kwa lesi nawo futhi wamqhubela  
phambili ekufeni kwakhe.

Abelungu bayiphawula lento aye-  
nzayo yokudakwa eyinkosi kangaka

Bamkhipha abelungu ebukhosini  
 babeka isokangangi lakhe. Aba-  
 baza amacele, athi akuzange kwe-  
 nzeke ukuti inkosi ingesulwa ebu-  
 khosini iphila ingafile, besekubekwa  
 & isokangangi layo. Amanye  
 amacele ethaba ngoba phela kwao  
 kugunye umbango khona phakathi  
 kwamacele

Kwathi lamacele athanda aku-  
 buswa yinkosi, esuka aya kubelungu  
 afika athela imali kubelungu athi  
 acela ukuba uScinangemfi abuyi-  
 le esikhundleni sakhe sokukhosi  
 kuphume isokangangi ebukhosini.  
 Nempela ke abelungu bavuma.  
 Sambuyiselwa.

Usebuyela nje ke abasamshiyi-  
 le bayamthakathisa abathakathi. baka-  
 Cele. Wagula njalo egula esinda  
 agule asinde njalo nje. Sekuze ku-  
 mehluka ukufa, usefa ke. Ufa njalo  
 umntwana ozindlalifa yakhe usemca-  
 ne.

Wayesebanjelwa umfowabo uGobobo  
 kaMamazele wohlangothu lwakwabo.  
 Nanambala ke kusabusa yena uGobobo  
 Umfana lowo ke akakhuli ukuba ake-  
 esibangeni sokubusa kuse ngumfana ongi-  
 ze aganwe ngonyaka ozayo, 1939. ama-  
 phila.

Iziga ezenzeka sekubusa uMheshwe  
 kuthi sekubusa uMheshwe, isifi  
 inkosi uMagidigidi, kwafika ukufa kwe-

167

5100

68

Pinderpest 1897 K13/28

zinkomo. (Wamindaba Cele lo esengixoxela  
 lendaba, <sup>sibonda</sup> uyindaba aka lobobo). uthi, "kuthu  
 lapha singabafana nje, kwabonakala  
 amathungatha endiza ebuza ethi bu-  
 elandela izinkomo azibunganye. Sa  
 babaza! namadoda akhohlwa nje u-  
 kuthi kwenzenjani. zabuza lezimpuka  
 ne zizungeza izinkomo, zasuke izinkomo  
 zamincika zonke ezihlabekile zigijime  
 ziyothi ngaxi emanzini zife. zifele ema-  
 nzini zelekanyane ngoba zafafa nga  
 zimungu. Kuthu lapha kungekho mpula  
 ziye zifele emihosheni nasemachibini  
 aseshile zithi ziyofuna amanzi.  
 Haa! Dadewethu kababa sehlelwa  
 yimihlola. Lwephuka ukhezo!!!

Amakhehla ashaywa zimvalo ezimbi  
 zaphela izinkomo!!! zaphela nya!  
 magaye. zidlwa ulanda pasi ufolipasi (1897)

Kwaqale ayadliwa inyama yazo  
 kwabuye kwezwakala ukuthi kanti  
 ingadliwa. Pho! Inakwe ubani!  
 bayidla abanye. Nabo kwathi la  
 besaqala ukuyidla baqala ngoku-  
 gonyuluka ngoba zazisuke zipisike isi-  
 khumba lesi.

Kwageqwa amagula magaye! Kwaba  
 umhlola nje bo. kwa ziyaphela nya  
 lo izinkomo, kwathiwa ukhasekwayo  
 kwathi kwemingxe imizi zafa zaphela  
 nya, kwathi kwemingxe yasala  
 ngamxe ngamxe njalo. Bakhohlwa

nje abanumzane ukuthi bazo  
kwenzenjani. "

(Umadotela umka njaba) sawangena ama  
simu ngezandla, siwalima. Bayeka zo  
nke izilimo lezi, obatata namadumbi  
nembondwe, nobontchisi namantengo-  
mane nembumba, salima izife  
salima insimu yombila enkulu  
salima insimu yamabele enkulu.  
ngemikhono, sahla kula saruna  
kwa kuphela.

Kwethwasa unyaka damelwa ku  
linia izife silime amasimu ombila  
hawamabele.

Kwas kwehla omurwe nje um  
hlola emakeleli, athi angakhahlela  
amabele asuke ambozwa yinto embhlophe  
enambezelayo ezandleni. Kwathiwa  
ngamafutha lawo kuthiwe uncinci.  
Hau! yambi kabi lento, amabele  
asuke angenwa ngamafutha  
nje bo! Kepha umbila wona sa  
wuthola noma sesilima ngemikhono  
no izinkono sezife zaphela ✓

Bekaka ngoba amadoda ayengasa  
sizi lutho ngoba phela wona aliphathi  
igeja lemikhono, ngoba umsebenzi we  
sifazana lowo. Silime, sihlakule,  
sifule, sivune.

Kwaruma ukudla kwemikhono  
sabona amakoyi eqhilika ukud-  
dla nje, sabona sikumbela emi  
godini nje. abanumzane batheng

a ngako izinkomo nanye. Za  
phenywa ngokusha sagala saruba.  
Kuthe kusemmandi, sisathi

siyavuba ziyadla, sathi sisalimile  
la ukudla kuyikhaba sekuphele-  
nokuhlakula, ikhaba la liluhlaza,  
sathelaka isikhonyana! Izinku-  
mbi! Azaziwa muntu. Bathi  
abanye ziyadliwa. Bathi abanye  
ziya hetshezwa. Saphuma sahebe-  
za zakudla ukudla zakubuga  
kwangathi umhlola. Sa hebeza  
kwaphelela ezandleni sikuphetha.  
Sabuya sethwele imikhono ekha-  
nda. Zakudla, zikudla njalo  
zemithi umthubi. Zazalela  
zafa.

Bamemezela abelungu ukuthi  
akumbiwe amaqanda ezinkumbi  
bawathenge ngemali. Uma e-  
zwele inkomishi yetize ake ushele-  
ni nozukwa.

Bawemba abantu sawemba  
bawathenga abelungu bawashisa  
ngomlilo, kodwa ngikutshela a  
changusehwa qede amaqanda a-  
sabayo, yaphuma inkasa yasange-  
nisa ikhanda. Yagqotha nemitho-  
nselana eke isasele yokudla,  
sasala sethwele imikhono ekhanda.  
Bathi abelungu ayishiswe

ngomlilo. Siyidudulele esikhotheni  
qede siyithungele ngomlilo

Kulezo zikhathi kwazalwa o-  
noyinkumbi no nonkasa. Kwaze  
kwafika ukufa kwezint impi, ya  
maBunu nje yadula kwathi  
ko 1902, ngesikhathi iDwaleni  
Industrial School isiceliwe ku  
mshweshwe, ingakakhiwa wafa  
umshweshwe.

Kwangena uScinangempu  
emva kwakhiwa iDwaleni Indus-  
trial School.

Uma sekubusa uScinangempu  
kwaba khona impi yamakhandu  
kwaba khona indlala enkulu  
kwaphela umbila, wabiza kakhulu  
kwaze waphela lombila omhlophe  
walandwa eNyembane umbila obo-  
mvo. nawo wabiza kakhulu  
kepha awaze waphatha kahle na  
seziwini. Kwase kuthengwa

ufulawa kubunjwa amaqebengwa  
ne. (umandabakayiheli)  
Enye inkosikazi, yathi ipheka  
isinkwa sikafulawa, yathatha  
ufulawa yathela endishini yafa  
ka amanzi kwa ubikiza yagovu  
za ngesipumu yathela ebodweni  
ya basela ngaphansi nangaphezu  
lu kwasha kwangqongqa kome



lela ebodweni kungagcotshwe mafutha.

Ufulawa lo bawuthenga Ezi-  
ngolweni evinkilini, abanye  
bathi ukuphelelwa ukudla  
kamba uboqo necacane  
nentana kuklatshelewe kuphe-  
kwe kwoutshwe ngako  
amasi.

Phela kwakusengga ama-  
doda kugala. Amagula e-  
khanywa umlaza avuthwe  
kuke yizangqondo. Izinkomo  
kusezinkomo zingakabulawa  
yidiptu.

Lendlala yaba emuva  
kwe mpi yamaBunu isiphelile  
yaba ngo 1903. Lomisa izulu  
kwaba yimihlola njebo!  
akwaze kwagatshwa phansi  
la. kwabe iyangena njalo indlala  
leyo.

Mpi yamakhandi ke le okwa  
kuthiwa yimpi kaBambatha  
ayifikanga la kwalele ayaphe-  
lela eMzumbi, ayake isadlula  
ukuba use la'pha. Yezwakala  
ngendaba nje, ngaye u 1905.

Ubcinangempi yena use wa  
fa ngo 1934 nje, ngesikhathi sokufika

Bambatha

73 167

K13/27

Kwezinkumbilapha ogwini lolwandle, lezo ezakha  
 thaza amaBunu achela kwasa, kwaphe-  
 la nya ukudla kwabantu, zazalela  
 amaganda kwachanyuselwa inkasa, ya  
 kuqeda ukudla, yakuzeda ngaphezulu  
 konina. Ema amaBunu, azishisa izi  
 ngane zezinkumbi; azishisa kwasha  
 utshani. Kwathi loku onina, kwakwe  
 phuka amagatsha emithi ukuningi, kwa-  
 thi amaBunu ema ngesimo echela ezi  
 shisa kaze abulala ubuthongo lobu. Kepha  
 abange kusabonakala uma sekucha-  
 nyaselwe inkasa. Yaba ningi kwa-  
 ngathi umhlolo. Kepha bazishisa abe-  
 lungu kwaze kwaza ngokuya  
 zaze zaphela nabantabazo.

Izinkomo ezadla ushevu kulo-  
 bo tshani obabucheliwe kubulawa  
 inkasa, zafa. Kwathi ukulumeni  
 wababuyisela abantu izinkomo  
 ezafayo, ngemali ephele zona.

Ubanangempi lowo, wagula.  
 Wagula wesaba imithi. Kwathi  
 izinyanga zifike zimphuzise no-  
 wokuphalaza, ungabuyi na-  
 ye-anga wuphalazi. Zimfike  
 nowokuchatha, angawuphuku-  
 zi. Agumbelane nje.

Uthi ukhushu, wayethi efika  
 afike imithi igcwele izinkamba  
 engavumi ukuyiphuzisa, athi  
 "Chuzi nkosi!" Ithi inkosi "ngizo-

kushaya!" aphi usokhwise  
 "Ake ushaye ukufa kuze ku  
 bonakale ukuthi uya kwazi  
 ukushaya!"

ake seyolanda owakhe umu-  
 thi, usokhwise wokuphalaza  
 ayicinelele inkosi iwuphuze  
 qede uzibuye uzibuyele sewu  
 buya nalemithi eminye ebe  
 ikade iphuzwa ingaphumi.

Ithi ke inkosi, "Aniboni  
 ke umuthi kadokhwise ngi  
 wuphuza uzwakale nje?  
 nihambi nithi ngala imithi ni  
 ngikhwele ngeziphusha lezi!"

Kwase kuyiloku emncenga  
 njalo yena usokhwise em-  
 hlanzisa emthoba emchatha,  
 kwala kona nje ukufa  
 kwaze kwamehlela, waphelela  
 ezandleni zikadokhwise.

kande ukuba kubekwe  
 uhobobo nje ke ukuba aba-  
 mbele indodana leyo eyabe ise-  
 ncane. wabekwa ngaye u-  
 1934. Usabusa ke namanye ngo  
 1938.

Isiga ke esesike saqhamuka  
 ekubuseni kukaGolobo yikuba ku  
 ngene isikole saseMithini kuHulumeni,  
 ni, ngo April 1938. Kwaghuba yena

75 167 MOL

K13/23 7

omncane lowo (Private Teacher) kwaze kwaba ngo June 1938. Izingane zingamashumi amahlanu.

Kwakungu Miss Majangaza, o-wayefundisa, isikole saze sangenela esandleni sakhe kuhulumeni.

Kwase kuthi ke ngo August 1938 savulwa ngu Mr H. Mthlomo T4 adamo obekade efundisa e Emmanus, P.O. Zunchels, Winterton, kusukela ngo February 1935 kuze kube ngo June 1938. Nempela wazifika izingane lezo ezingamashumi amahlanu ebezishiswa kapha naye waphawula isimanga esikubantu nasezinganeni. Yikhona kusa enzansi. Abantu banesakabakayo igunya leli ngesikole sakubo sesingane kwatshulumeni.

Kusuka ku August kuya ku November 1938, sekuphinde kwangena amanye amashumi amahlanu anesikhombisa amasha. Sezinga likhulu nesikhombisa sa izingane.

Kukhona ezamakholwa nezaba ngakholwayo, asebeqalile ukwethemba ukhulumeni ukuthi ngonde ukubenzela into enhle emithini. Abanye abazali baningi kakhulu bangaphandle abanezingane ezingakafundi, abasabekukhulisile,

Abanumyane imvama bathatha

Notes School matters

isithembu sabafazi ngababili  
ngabathathu ngabane. Izingane  
nye ufile kubuya nje ekhaya  
ezingakangeni esikoleni, okubona-  
kala ukuthi zisabekisile ukuthi  
kwenziwani.

Kuke kwathi ukuba izingane  
zihlangane amashumi asikhombisa  
abahloli bazama ukuthi bekunga-  
thi kungatholakala isekela elinye  
(private teacher) lokwelekelela. Wase  
Zilandulela imali umphathi u  
Mfundisi Anderson (grantee) wathi  
naye usalindelwe ukuba akhe  
indlu enye loku le ekhona se  
yincane.

Kwafika umhloli womuntu (   
Supervisor Mr Caleb Mbele) weluleka  
ngokuthi kakucelwe abazali bezi  
ngane bathole bona baziqashela  
bona uteacher wokwelekelela. Bavuma  
abantu bemisa ukuthi kuzoba yilowo  
mzali akhiphe usheleni kuhlanga  
niselwe kuphele imali kateacher lowo.  
Nempela ke bakhipha abayingosa-  
na amashumi amathathu nanye  
bema. Kwase kubonakala ukuthi  
abanye ababonisisi ukuthi uHulu-  
meni wake welekelwa.

Kwase kubuya kujahuka imali  
yesikole (school fees) badideka ke

School matter

manje abantu. Kwathi uteacher lo wathatha lemali obe kufanele kuqashwe ngayo umsekele omunye, wayi-buyisela emalini yesikole (school fees). Ukuba kugwaliselwe phezu kwabo labo osheleni abasebekhishwe nga banye abantwana. Wacindezela ke uteacher ukuthi mayiphume imali yesikole! Ngumthetho lowo kahulumeni! Uma umuntu engayikhiphi angeke ahlolwe.

Imibuzo ibuye ethi uhulumeni njengoba esisithathile nje isikole sekubuye yimali yani le efunwayo loku phela no teacher uyamholela amondle nangokudla, pho! ngeyani imali yesikole?

Abe sekhatha isineke uteacher e chasisela ukuthi uhulumeni ka yakhi indlu ezikoleni esiphethwe ngabefundisi (Government aided schools) dapha ke indlu ifuneka ngamandla ngoba yona le ekhona se incane umfundisi (Grantee) sekufanele akhe enye indlu. Lemali (school fees) yiyona ezomalekelala akhele phezu kwayo indlu yesibili ukuze uhulumeni akhululeke ukusifunela uteacher wesibili ahololwe nguye.

Abe sechasisela futhi ukuthi uhulumeni uholola uteacher ofundisa abantwana kuphela. Namondli nga masaka okudla okuphuma kuhulumeni nyanga zonke. Nabo sebhuleke nje ukugasha uteacher nohulumeni nyo

kaqashela uteacher beyakhile  
indlu ngoba izingane ziningi zabo.  
Kube sengathi ke bayezwa. ka  
yayikhipha khipha ke imali yesike  
le leyo (school fees.)

awazi ke koya ngokuya mhla-  
wumbe kuze kuse ezansi kubantu.  
Isibongo sokuthi cele sesuka  
kanjalo ke ukuze sande nezwe  
lonke nje. Sekuze kuthi ke ngenxa  
yemibango yomndeni njalo ihle-  
phuke imizi ihambe yakha noma  
yphi la ibona khona ezweni. Kube  
sekuba utele ke zonke indawo. ko-  
dwa ulimi lwesi-cele uluzwa nga  
ko ukutekela (ukuthi wedani  
lomunye) njalo nje. ~~St~~ Sekuze  
kuthi laba ke asebefunde ezi-  
koleni asebewayele isingisi  
kakhulu ke babuye ngarero.

### Barrenness; Paternity Ukuba yinyumba.

Umthetho wokudabuka kwa-  
bantu, umfazi uyathathwa  
alotsholwe ngezinkomo. Kucha-  
nguzwe kuthiwe du qede akuye  
le ngakumyeni umlobokazi.

Into okuziyona eyizele lapha  
ekhaya yikuzala.

Ushada qede umlobokazi apheke

asekenze, ahlale kwabo. oze azibule  
abuye elamanise noma kabili no  
ma kathathu. Ngokomthetho oze  
akhishwe umlobokazi womfana  
omncane ozochanguza emuva  
kwakhe.

Akhishwe ke aphekiswe ngunina-  
zala athi, "Pheka makoti kwande  
ukudla." Ake sepheka kwakhe  
aphakulule ke azodlela kwabo.  
Kusale okwezingane ezizolokw zi  
buya zizozidlela kwakoisikhokho.  
Kwande ke ukudla.

Kuye kuthi ke esesinile umako  
ti abekisisewe kakhulu ngabase-  
mzini bambalele izinyanga ba  
mbukisise ebusweni ukushintsha  
zithi ziphela ezimbili echanguzile  
uzwe uninazalese buza ukuthi  
kimjani mntanami ngabona se  
ngathi usumuhle nje? Naye ke  
umlobokazi ake sethi au! nami  
angazi mama ngoba ngedlulwe  
yinyanga. angazi ukuthi ma-  
kuke yini kimi. Ake sethi ke,  
uninazala thula ke mntanami  
ungatsheli bantu. noma be buza  
ungatsheli ukuthi ikwedlulile  
inyanga ngoba akufuneki aba-  
ntu bakubalele izinyanga zakho  
ngoba banomhawa abanye ba  
yokuloyela ukuba ufe uzala  
uma bekwasela izinyanga zakho.



Koze nje kuthi uma sekubona  
kala ukuthi sesikhona, kuthi  
uma bebuza ukuthi zingaki, u  
batshela ezisemuva. Kuthi be  
ngananzela bezwe sekuthiwa  
ubelethe umlobokazi.

Kuthi sezidhule zantathu izinye  
nga uninazala ambize eze athi  
ake ungihlubele isisu mntanami  
abesegala ekhanda asuse umnqwa  
zi akhloniphe ngawo ekhanda  
ake sehlisa zonke izevatho zakhe  
aze ehlise nesibamba (isifocuya)

nesidwaba, akhawulise ezansi  
kwesisu aguqe ke. Abuke ke  
uninazala athi Au! Saze sa  
sihle isisu! ake sebeka umushu  
lo osuka enkabeni wehle nje  
sisa ugonde ezansi la siphela  
khona. Kuthi uma ku yingane  
yomfana uthi la ugcina khona  
uthe uku goba. Uma kuyinto  
mbi ugonde nje uze ugcine.

Ake sephawula konke loko  
ke uninazala ethokoza nje  
gugu lakhe.

Naye ke umlobokazi aqale  
ukushintsha isimo manje  
athandiswe. Kwesinye isikhathi  
athandiswe ukudla okuthile.  
abekade engakuthandi kangako

8) 167

64

7  
K13/28

engakabi nalutho. Kuthi na  
kubantu khona ekhaya kuke  
khona umuntu omdala noma  
omncane azosuke ezwe esemtha-  
nda kabi. Kuthi uma engam-  
boni akhale izinyembezi. Naye  
akholwe nje ukuthi kwenzi  
wa yini. Kube kuble ke uma  
ethandiswa ingane khona ekha-  
ya.

Kube lukhuni ke uma ethandi-  
swa umyeni wakhe, ngoba  
kuba sengathi angeke esathi  
siki. Athi uma eke wasithela  
nje emehlweni akhe, kube kubi  
kabi kumlobokazi, kuthi ka-  
khale kabi abe yintandane.

Kuthi uma eke wahamba nje  
noma yinyanga noma ngezi-  
niathu uma abadala seke  
phawulile ukuthi uthandiswa  
umyeni wakhe, bathathe inkha-  
manga yakhe ancweda ngayo ba  
yiphakile emanzini bamphuzi-  
se kuye kuyothi Cosololo ke e-  
nhliziyweni yakhe.

Kuthi uma ke ezohamba isikhathi  
eside ashaye ibeshu lakhe elidala  
nesinene ukuze kuthi mhla em

khumbele kabi anuke lona  
iphunga lakhe kubzevatho eseziji-  
nsula yakhe, ke kuthi cosololo en  
hliziyweni.

Babe negunya ke abasenzini  
lomlobokazi aze abelethe. Uma e-  
belethe insizwa kuthiwe wavuka  
umuzi, umlobokazi uzile umuzi.  
Uma ebelethe intombi kuthiwe  
zabuya izinkomo ezalokola unina  
kuba kuhle ke uyakhula um-  
nwana baphangelana ngaye  
bephucana kuba kuhle ke loko.

Omunye khona enesisu a-  
liwe. Hayi! Kube ukholisekile  
umntanomuntu ngoba kwesinye  
isikhathi uzokwaliswa ukun-  
dla okuthile. akudle ahlange  
kwesinye isikhathi aliswe  
ingane ethile khona emzim  
kuba kubi naloko. Kwesi-  
nye isikhathi uzokwaliswa  
umyeni wakhe. Naloko ku-  
be buhlungu ngoba kumbe  
lomuntu uyazibula. naye um-  
yeni usenegugu elikhulu lakhe  
sengathi angaloku emlandela  
nje ezibukela umntana kwako  
emthanda. Kube sekusuka esi

Khulu isicazo lesi kumaboti  
ambone aphume ayohlanza em-  
nyango.

Kuthi ke uma behlakani phile  
abazali bomfana bayiphule  
lento. Base ke luluka umfana  
bethi kahambi ayosebenza aze  
abuye esebelethe.

U mthangala wake wehlelwa  
umsh umhlolo. usina uthi du  
nentombi. Bethandana njengo  
ba ubona amehlolawa bo.  
Usethoyoluka isisu ke umakoti.  
usesaliswa u mthangala, mma  
koti kwakungu kalushaba.

Sekuthi nye lapha izinyanga zi  
mbili eshadile, usethi umakoti  
ca, "Angisakufuni mthangala tohe-  
la abakweni ukathi angisakufuni  
Au! wa uyabopha nyalo umlobokazi  
wathi, ngikubona qede kuthi a  
ngihlanze. Bengihamba ngibuye  
la esokeni lami engangilithanda  
kugala. Nempela uthi efika, la  
limkhomba esikeni isoka lithi  
kagoye kuphela. Kwabe nalo  
likhalelwe yingomfi ngoba no  
mthangala yimbangi. Lentombi  
ushada nayo nje uyikhiphe kulo  
walephuca ngenkani yena ke  
wayiphangisa wayisondeza  
kuye. Nalo selibona ngentombi

nje ingena; ingena ithi "Thola wena wakwa Buthelezi. Kwa senga-  
 thi yiphupho ku Hwanqa Buthelezi. wayikhomba ensikeni ngokushesha kwahlwa, wayenza umfazi kwa kuphela. Kwabe nje, ukhalelwe yinqomfi. (Phela inqomfi yinyoni nje, incanyana, ihlabelela kakhulu inenhlankla futhi, uma uthe uhamba noma uya kogoqisa yawuka, yakusinela yahlabelela yathi, "Ishiyi Ishi-yo! jo, jo, jo, jo, jo, jo! jo, jo, jo, jo, jo, jo! Ishi-  
 yo! Ishiyi! jo, jo, jo, jo, jo, jo! jo, jo, jo, jo, jo, jo! Isho loko nje inyoni isina, ikusinela, ikubu ngaza, nawe uyayibonga uthi "Zisulu! Gabela kanyoni! Mathendelezana! Nyoni esindwa yisisila sayo! Nomasikusiki! Nyoni ephuma igazi ngomlomo! Nyoni engadliwa yizishimane, edliwa amasoka! Lapho & Asazi phambili!" Lapho ke, nawe uqine amadolo namaqakala ukone ukuthi Namhlanje, Dadewethu, Izongiqoma)

"Kuthe nje, la kusemnandi ku

Hwanqa, umfo ka Buthelezi, selu-  
mbulele uthando lukaMalushaba  
'Se ku ngumkakhe nje, emudla  
emphangisa, emini nasebusuku  
emenza umfazi, wafika umtha-  
ngala ehamba namadoda a-  
mabili akubo, bakhulekela, ba  
ngena. Bathi, "Syafuna Buthelezi  
sifuna umfazi wethu!" Kwaphendu-  
la yena umakoti wathi, "Angiken-  
funi, mthangala! Ngakutshela!  
Athi umthangala, ca, buyela  
ekhaya Malushaba! Ungum-  
karni nje noma sekumnyama  
mntakwethu. Asuke ahlanze  
umalushaba.

Athi lamadoda amabili aha-  
mba noMthangala, "Ca, Wena  
Hwanqa biza oyihlo. Sizokhuluma  
nabo ngoba umfazi wethu lo  
samlobola. Yicala leli!" Nempe  
la ke bangene oyise kaHwanqa  
nawoyisekazi. Balalele balalele,  
babe sebethi kuHwanqa, "Wena  
Hwanqa uthini ngalendaka?" athi  
uHwanqa, "qha! Baba, nami angazi  
ukuti ngingathini ngoba nami  
anginakumeosha umuntu engi-  
thanda ngoba naye umthanga-  
la lo uyazi ukuthi umkhiphe

167

69

K13/20

86

kimi uNobayeni lo, nami nga-  
 ngithi ngizomthatha, kutha lapho  
 ngisathi ngizokusho kuye ukuthi  
 kazogoya ngezwanje sekukikizwa  
 kubo ka ~~Ku~~ Mthangala kuthi  
 wa, "Kikiki! Iwele izhinga ya  
 hlala! (umfula lowo) ngathi ngi-  
 yabuzwa kwa banye ukuthi  
 uyphi leyo ntombi egana kwa  
 Thusi? Bathi nguNobayeni  
 Lushaba! Ngashaywa yuvalo  
 ngathula ngalindela, kanti  
 uMthangala usezoya kom-  
 bika ngeshumi lezinkomo  
 nenkomo kanina, base bem-  
 sinisa njalo."

Athi uyise kaHwanqa Pho  
 manje wena uthini? Uyizwa  
 phela nampa abakwaThusi se  
 belande umfazi wabo.

Athi uHwanqa, "Angazi mina  
 ngoba akusimina engaya  
 komthwala uNobayeni, nguye  
 ofike kimi ezifikela yena, mina  
 benithi angithini ke ngoba na-  
 mi nguyamthanda! \* Khulumana-  
 ni naye, uyena ezozikhethele

81

167

70

K13/28<sup>7</sup>

phakathi kwethu sobobili no  
Mthangaba."

Bambize uMalushaba. Abe sethi  
uyise kaHwanga, "Nango umyeni  
wakho ekulandile, Malushaba!"  
athi uMalushaba, "Ayi, angimfuni  
mina." Athi uyise kaHwanga  
awumfuni kanyani, njengoba phela  
wayethandwe nguwe, wakulobo-  
ba waruma ukumenda wamenda  
na? Athi uMalushaba, "Angi  
mfuni, okungecono. mina ngi  
ngazibulala uma engphikelele  
uMthangala lo.

- Abe se phendukela kuHwanga  
uyise, athi, "Hwanga, wamenza  
ngani umntanomuntu? Athi  
uHwanga, ngalutho, Dadewethu!  
athi uyise, pho! Uena Hwanga  
uthini kulamazwi kaMalushaba  
? Athi uHwanga, au! Njengoba  
nangu ezilanda nye uNobayeni  
ethi yena angazibulala kuno-  
kuba abuyele kuMthangala,  
mina nye bengithi bekulula  
ukuba uMthangala abuyisekwe



izinkomo zakhe, asale seyekwa  
uNobayeni la kimi.

Athu uyise kaHwanga ku  
Mthangala, Angazi ke Mtha  
ngala, nani bantu bakwa  
Thusi. Izindaba zabafana a-  
ngiziqondi. Sekw ukuxabana  
kwethu ke loku ngenxa yenza-  
lo. Kanti mina angixabene  
nani neze, ngoba angiyazi  
lendaba enje. Angazi ke na-  
ni ukuthi nithini kulamazwi  
enizizwela wona nina ba-  
kwaThusi.

Kube sekuphendula enye i-  
ndoda ehamba noMthangala  
ithi, "ayi, mina ngokwami  
ukubona besengithi nje bese  
kufanele siqhube zona izinko-  
mo lezo, ishumu nengquthu.  
Loku nangu nomlobokazi uyasho  
uthi kasamfuni nje umfana,  
nangu noHwanga uyavuma uthi  
akuyena owa mbuzayo, naku na-  
ni madoda niyezwa ukuthi uya-  
vuma umfana wenu uthi aku

buye zona izinkomo lezo eza  
mlobola umlobokazi!"

Athi uyise ka Hwanga, "Wena  
mthangala uthini kulamazwi?"  
Athi u mthangala, ca, lomuntu  
ubaleke nesisu sami. Mina  
ngeke ngiyilahle ingane yami."  
Athi uyise ka Hwanga, "Au!  
Uthini malushaba kulawo  
mazwi ka mthangala?" Athi  
u malushaba, "Ayi, ngingahla-  
nza mina khona manje. Aku-  
siso esika mthangala besisu  
ngesika Hwanga!" Abe sehleka  
u mthangala, ethi, "Montakwethu  
ungowami kugcine. Uyazihlupha  
nje." Abe sephendukela kwa  
badala ethi ca, myekeni nje u-  
malushaba, ushingiswa yi-  
sisu, waliswa mina. Thulani  
ke nombona esayobeletha. Uyo  
zala ingane efana nami nje, ngi-  
funga u newempe! Musani  
nina bobaba ukuhlupha. Mina  
angixabene nani futhi angixabene  
no Hwanga, ngithi nje kangipha

thele kahle umkami lo, kazenzi  
 Nempela ke bathule abadala;  
 athu umthangala, izinkomo  
 ningazithathi lapha kwa buthelezi  
 mina ngalobobela uLushaba nga  
 gcina ningabhiphi mina, ka-  
 mbani sibuyele ekhaya, ngi  
 yisoka mina."

Hayi, ke indaba iphele nga  
 ke loko. Bahambe ke.

Kuthe ukuba ziphele izinyanga  
 lezo abelethe uMalushaba. Nempela  
 ingane yafana naye umthangala.

Uthe ukuba abelethe athi du  
 uMalushaba, wasuke wabopha  
 imithwalo wahlaba ingane em-  
 hlane wagonda kwa Thusi ne  
 ngane kaMthangala. Wakuya  
 umthangala ukuthi ubuyeleni.  
 Wathi, "Cha, sengikuyile, kuhle  
 ungixolele." Wathi umthangala  
 Ikanti wangiphika waphika isisu  
 sami? Wathi 'ca, ngangingazenz  
 ngangithi ngidumaza wena.)  
 Wayesethi umthangala, "Niyabona  
 MaLushaba nikofunda ubufazi.  
 Nami ukuba ngavuma ngakuke  
 ngazithatha izinkomo zami nga  
 ganwa. Ngakuke yini ke manje?"

awusangifuni nje manje? Athi  
 umalushaba, "Ngiyakuthanda."  
 Athi umthangala hlala phansi la  
 mfazi wami, ngakuthatha ngiku-  
 thanda musa ukuzenza ubuhlanya  
 yaphela ngaloko ke leyo. Bahlala  
 baze bagugelana, behlukaniwa  
 ukufa okwathatha umthangala,  
 sekezele bagwalisa umuzi nje ko

Kube sekuba khona enye  
 indlela edabukisayo lapha um-  
 fana achanguzelwe qede, kube se  
 kuthi umlobokazi angabambi.  
 Kuze kuphele izinyanga ezizisithu-  
 kuyilokw elula, baqale banyenye  
 ze abantu bethi, "yini le eya-  
 thathwa ngubani?" Uma  
 kuze kwahlangani unyaka  
 nomunye, kweqelwa komunye  
 elokw elula umakoti se beyam-  
 thuka. Baso ukuthi wazokwa  
 ndisa imiphuhl lapha ekhaya  
 bakhalek izinkomo ezoniwa za-  
 lobola inyumba, bangaze baku-  
 qaphela ukuthi kwesinye isikha-  
 thi nguye umfana kathombanga

167

75

K13/28<sup>7</sup>

92

nokuba ufuna ukugciniswa. Kuthi  
 noma kufunwa inyanga, kufunwa  
 ezogeqa umfazi ngoba engazali  
 nendoda ize imcasukele umntano  
 muntu imdinde ngezinduku  
 imtshela ukuthi ngona izinkom  
 zikababa ngilobola wena  
 kanti ngiyazimosa? Awuzali?  
 Ome athi khehle umfazi bo!  
 Kuze kuthi kugcine ngoba a  
 thathe futhi omunye umfazi, ngo  
 ba swakhe engazali. Kuthiwa  
 wazokwandisa amadede.

Bayejabula abelungu ngoba  
 umfazi yinto enkulu utatanyiswa  
 ngezimotho noma engazali.

typed. 23/9/39.

fairly  
usual to end

Ukugcina.

NOT (to end)

Njengoba bengikhubane nge-  
 sizwe sakwa Cele lapha la si-  
 mise khona, kufanele ngisho u  
 kuthi kuze kube namuhla,  
 laba bantu abakazi lutho nge-  
 ndaba yempucuko. Kuhlule-  
 mbe. Bazi nje ukuphuzwa utshwa

93 167  
2006

76

K13/28<sup>7</sup>

Kuthi uma kukhona umun-  
tu owenze isimawaza (uqingqi)  
wenkabi, isitho ngosheleni aba-  
thathu nozuka. njengoba  
uma uhlabi inkabi uzothengi-  
sa, bayabuya bazokudla ama-  
thumbe nenhloko. Kuthi kwe-  
thengisayo, umlenze 3/6 umkho  
no 3/6 uhlangothi lwesifuba 3/6

isiphantsi 3/6 isingq 3/6 njalo nje.  
Sebencono akakakholo sebe-  
yawazi amasilaha. Kephake  
impucuko isibaficile. Loku  
nasi nesikole. Sijahile. Naku  
nokukhulwa kubaficezele, babu-  
ye batholana nenkolo ebatshele  
ukuthi utshwala yisono yase  
Free Methodist. Baficekile. Mhla  
bayeka ukuphuzisa kuyosa kubo.

marriage

namhla basathokoziwa yikuba  
iqome qede intombi yomnumzana,  
isoka limise iduku. Kuse qede aba-  
kubo soka bayolanda ubuhlalu.  
Bokuthi yiloku iqomile. Babuthole  
babonge. Kube sekuthi intombi  
isho ekhaya ukuthi iqomile. Uyo-  
wentombi abe se thuma ingane

167

77 K13/21 vol

9#

encane yentombazana (9 years old or so)  
 ifike kubo soka ithi uthi ubaka  
 angikutshela ukuthi livise iduku  
 lelo. uthi kimi opondo ababili  
 bakhe, nomama uthi letho  
 ishumu lakhe.

Selizobonga lincauze  
 isoka enganeni libambe isikhu  
 kukazi senkuku lince ingane  
 lithi hamba ke mlamu wami  
 eyakho lenkuku. Umtshela  
 umkhwe wami ukuthi ngoyi  
 letho kusasa impahla yakhe.  
 Sekuthi kusa aphume nta-  
 mbama nemali afike kuyise  
 wentombi kusihlwa. ahlaliswe  
 esigqikini aphakelwe ukudla  
 adle athi du abe sekhipha  
 opondo labo ababili ababizi  
 weyo anike uyise wentombi.  
 akhiphe ishumu likaninalo  
 kuthi (Ngethukile ngizwa ukuthi  
 intombi yami iqomile) le kayise  
 opondo ababili eyokunyoba.  
 Bethabe ke abazali bentombi  
 kuthi ma sekulalwa banike into  
 mbi ucansi plusha bathi ayise  
 exhibeni yokwendlela isoka.

K13/27

layo nempela ifike lwendlale  
 ucansi abuye ilande isoka bayo  
 lala nalo ekhikeni. ivuke  
 ekuseni iphekele lidle libuye  
 lizihambele. Selikhuhulekile  
 njalo uma selinyobile. Nanga-  
 liphi ilanga liya kolala entombini  
 yalo. ekhikeni kwakontombi. Aku-  
 sashwo lutho ngoba<sup>la</sup> wukhipha  
 umnyobo lawukhipha umethuko  
 kanina.

Sekoze kuthi ke uma lizitha-  
 nda impela lifuna iphelele kulo  
 ke lizitshelwe izogoya.

Nayo ke se izofuna umganisi wa-  
 yo, komunye umuzi. Kube sekwe  
 fika izinsizwa zakubosoka ziyi  
 ihlangabeze. Ihambe ngokweqa e  
 khaya ifihle igqila layo. Ziyishuye  
 esibayeni ngaphandle lezinsizwa  
 ziye kuyise womfana ziyobika  
 ukuthi au! Sesingena necala lapha  
 nansi intombi esibayeni.

Okunguyena mninindaba use  
 balekile useye kozifihla kude la-  
 azi khona oze abuye esezwile no  
 kuthi kukikiziwe yini nokuthi ya  
 live yini.

Uyise womfana ukuba ezwe ukuthi  
 bathi abafana sebengena necala  
 abize abakubo, umkhaya wonke



athi khulumani bafana nithini?  
 basho. a bebumule ethetha ebuya  
 ukuthi ziphi izinkomo lapha ezizo-  
 lokola umntanomuntu? yena  
 usibanikani uphi? Au! asazi baba  
 ithi indoda. kuke kusuke nobu  
 ebu nje bungakwazi nakusekeng  
 buganwe! Nizomthini umntanomun-  
 tu lo? Au! Asazi baba. abe sethi  
 thendulani nam basekhaya. nank  
 amashinga engisabanisa nabantu  
 kuqhamuke noma nje yisalukazi  
 sithi Au! wena wasekuthini  
 kusayokwenziwa njani lingene isa-  
 la. Mngeniseni umntanomuntu a  
 ngaze abula we ngamakhaza.  
 Athi umnumzane kodwa iphi yona  
 inkomo angabikwa ngayo, ngoba  
 noJamudi ayalima, noVetfude uya  
 boshelwa, noShlangfel uzofundiswa  
 loku nezinkabi lezi zegeja sezigugile  
 Au! Angiboni impela. Nxe! baya  
 hlupha abafana laba. Phumani  
 bafazi nikikize nibe se ningibizela  
 unqakamatake eze la uyena ngi  
 funa ahambe kusasa ayobika le  
 ntombi engiganileyo. kikizani!  
 Wo! Kube zimbiwe yinsile komame  
 Kuzwakale kikiki----! Iwele  
 inhlumpha yakhlala.  
 Icathule ke iye ingene ibince isi

\* 167  
 1913/21  
 igqila lodwa nje, yahiza ngobuhlalu  
 wonke umzimba nasekanda ngabo.  
 Ilale kuse bafike bezoyibona. Wonke  
 umuntu ofikayo athi ake usukume  
 makoti ngikubone. esuke. Ake u  
 phenduke. Aphenduke. Ake ufulathele  
 afulathele. Ake uhambe uye laphaya  
 ahambe. Buya ke. abuye ahlale.  
 Lize lishone ilanga enza loko nje.  
 Kuthi la ephuma noma eya phandle  
 nje uyalususa elubeka ecathula  
 kuya kizizwa. Lize lishone.  
 nomfana kabonwa. ahambe keoye  
 kobika kubontombi. afike athi,  
 funelani nganeno nina basekuthini  
 Uma engaxoshwanga ngokuthi buyise  
 umntwana, kubizwe izinto ezifunekayo  
 aziwohloze. imvulamlomo. nezinye  
 izinto eze nazo. nezifunwayo bazisho.  
 sekuzothi igoye amasonto amatha  
 thu. Uma unina esezitholile izimfanelo  
 azibizileyo. Kuthi ngesonto lokugala  
 ameme ayise umnyonjo wokudla oku  
 phekiwe. ngelesibili uyisa utshwala  
 nezidalu ngelesithathu uyamema  
 uyisa omkhulu umnyonjo wotshwala  
 la nokudla. ngelesine iyabuya.  
 Ibuya nomkhongi mhla umbé uzich  
 ya ziyaphelile. kuya changuzwa  
 nayo ke uma se ibuyile iyeluka ama  
 cansi nezivovo nezitheke nezicephu  
 ibumba nezinkamba ilungela ukwa  
 bela abasemzini.

# 167 ends

igqila lodwa nje, yahiza ngobuhlalu  
 wonke umzimba nasekanda ngabo.  
 Ilale kuse bafike bezoyibona. Wonke  
 umuntu ofikayo athi ake usukume  
 makoti ngikubone. esuke. Ake u  
 phenduke. Aphenduke. Ake ufulathele  
 afulathele. Ake uhambe uye laphaya  
 ahambe. Buya ke. abuye ahlale.  
 Lize lishone ilanga enza loko nje.  
 Kuthi la ephuma noma eya phandle  
 nje uyalususa elubeka ecathula  
 kuya kizizwa. Lize lishone.  
 nomfana kabonwa. ahambe keoye  
 kobika kubontombi. afike athi,  
 funelani nganeno nina basekuthini  
 Uma engaxoshwanga ngokuthi buyise  
 umntwana, kubizwe izinto ezifunekayo  
 aziwohloze. imvulamlomo. nezinye  
 izinto eze nazo. nezifunwayo bazisho.  
 sekuzothi igoye amasonto amatha  
 thu. Uma unina esezitholile izimfanelo  
 azibizileyo. Kuthi ngesonto lokugala  
 ameme ayise umnyonjo wokudla oku  
 phekiwe. ngelesibili uyisa utshwala  
 nezidalu ngelesithathu uyamema  
 uyisa omkhulu umnyonjo wotshwala  
 la nokudla. ngelesine iyabuya.  
 Ibuya nomkhongi mhla umbé uzich  
 ya ziyaphelile. kuya changuzwa  
 nayo ke uma se ibuyile iyeluka ama  
 cansi nezivovo nezitheke nezicephu  
 ibumba nezinkamba ilungela ukwa  
 bela abasemzini.

NGI YEMO LAPHA.